# *Kusukela Kuleso Sikhathi*

Ngiyabonga. Asibe silokhu simile umzuzwana nje, sisakhothamisa amakhanda ethu ngomkhuleko. Uma kunesicelo kulobubusuku, masaziwe njengesandla esiphakanyiselwe kuNkulunkulu sokucela.

2 Baba wethu waseZulwini, Wena uyazibona izandla futhi uyazi ukuthi yini esenhliziyweni yabo, uyakwazi esikudingayo, futhi Wethembisile ukuthi Uyoba Usizo olukhona ngesikhathi senkathazo, futhi siyakhuleka ukuthi Uzobakhulula kuyo yonke izinkathazo. Siphe khona, Nkosi.

3 Siyakubonga ngalokho okwenzayo ezweni namuhla, emhlabeni wonke imfihlakalo enkulu yeVangeli yembulwa ezinkulungwaneni zabantu okholwa ukuthi Ulungiselela iBandla ukuba lemukele ekuFikeni kwaKho. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi kuzoba nabaningi abaphuma kulelidolobha abazongena kuloloHlwitho olukhulu esilubhekile noma ngasiphi isikhathi. Siphe khona.

4 Sibusise ndawonye manje, njengoba sibuthene eGameni likaJesu, sicela uNkulunkulu, eGameni laKhe, ukuba abe nathi. Sisezandleni zaKho, Nkosi, yenza ngathi njengoba ubona kufanele. Amen.

5 Impela ngithatha lokhu njengenhlanhla enkulu futhi, kulobubusuku, ukuma lapha nabantu, futhi sikholwa ukuthi uNkulunkulu uzosenzela futhi, kulobubusuku. Futhi sengathi umusa waKhe ocebile ungahlala phezu kwethu. Into emangalisayo izolo kusihlwa, ngenkathi siMbona ephulukisa abantu endleleni; futhi sinikele ngalobobusuku ngomkhuleko wabagulayo. Ngokuvamile sizama ukungathathi isikhathi esiningi sabagulayo, siyakhuleka ubusuku ngabunye, konke kuhlanganisiwe, into esemqoka esizama ukuyenza ukuvumela abantu babone ukuthi uKristu akafile, ukuthi Uyaphila. Futhi uma nje singabona Lowo Owasenzela zonke lezizithembiso ezinhle ulapha ukuqinisa lezozithembiso.

6 Manje, okubonayo lapha, emhlanganweni, ngenkathi sinalobobusuku obunjalo, kungukuthi ngempela, ayikho indlela yokukuchaza. Ngangimi phandle lapho nje ngenkathi odade abathi ababe babili benyuka, abathathu babo, ngiyakholwa, nodade oyedwa wabheka phansi, wathi, "Mfowethu Branham, ngifuna ukubonga uNkulunkulu ngesihawu saKhe kubantwana bami kulobubusuku, abathandekayo." Ngikhuphuka, imoto yaphenduka futhi baphenduka, nakho konke, kodwa ayizange ibe ngisho nomudwa. Bakhona lapha manje, bahlezi ezitebhisini ezingaphambili bezama ukuzwa umlayezo bengaphandle. Umusa omangalisayo! Ngezinye izikhathi,

njengoba kwakunjalo, njengoba ngishilo izolo ebusuku (evela e-Emawuse), Uhamba nathi nsuku zonke, futhi asisize, futhi nokho, mhlawumbe asikuboni kuze kube nje . . . ngezikhathi.

7 Manje, imibono yinto engaphezu kwanoma yini noma ubani angayichaza. NguNkulunkulu ongenasiphelo Owazi ukuphela kusukela ekuqaleni, futhi wabikezela isiphetho, futhi uyasho ukuthi isiphetho siyoba yini, ngoba Wayazi yonke into futhi usazi yonke into. Akukho Angakwazi. Futhi A—Akazi noma yikuphi okungaphezulu manje kunanjengoba Wayazi ekuqaleni, ngoba Ungongenasiphelo. Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu ungongenasiphelo na? Uma Engenjalo, Akasuye uNkulunkulu.

8 Ngakho-ke, cabanga nje, nakhu nje . . . Awukwazi ukuhlakaza okungenasiphelo. Kufana nje . . . Ukungabi nasiphelo kufana nokuba, lokho mina . . . ngingathi, Phakade. IPhakade alizange liqale, ngakho alipheli neze. Wake wakucabanga lokho na? Futhi yonke into, eqalayo, inesiphetho. Niyabo? Futhi izinto ezingenasiphetho yizinto, ezazingenasiqalo.

9 Futhi yingalesosizathu sifanele sibe nokuPhila okuPhakade. Siyingxenye yokuPhila kukaNkulunkulu, okuyigama *Phakade*, bazalwane ngokwazi ukuthi i . . . livela egameni lesiGreki elithi *Zoe*, elisho "ukuPhila kukaNkulunkulu uQobo." Yingakho siba ngabantwana baKhe uQobo. Niyabo? KungukuPhila okuPhakade kithi. UkuPhila okukithi akukaze kuqale, Akusoze kwaphela, angeke Kusafa kunoma uNkulunkulu engafa, ngoba KuPhakade. Yinye kuphela Into ePhakade, futhi leyo nguNkulunkulu. Futhi siba yingxenye yaKhe ngoba siba amadodana namadodakazi kaNkulunkulu. Kumangalisa kanjani ukwazi ukuthi uNkulunkulu uthembisile!

10 Sidinga nje isikhathi esiningi ezivuselelweni. Ngelinye ilanga ngithemba ukuthola ithende ebengikade ngifuna ukulithola isikhathi eside, futhi ngi . . . futhi ukuze sihlale kadanyana, ukuze sisuse yonke imizwa exakile. Abantu abafuni ukuba njalo, kodwa empeleni banjalo. Niyabo? Senza njalo. Sibuthana ndawonye njengeqembu labantu noma kuphi lapho sivela khona, amahlelo ehlukene ayasibamba, noma ngabe yini.

11 Manje-ke, lapho singena emabandleni anjengaleli, khona-ke nibona into ethile eyimfihlakalo eyenzekayo, kuthi ukuba uhlobo olusethusayo ngempela, futhi ngakho ku . . . ikakhulukazi ngabefundisi, hhayi ngalaba, kodwa ngabefundisi, ikakhulu. Bangabelusi bezimvu, baqapha izimvu zabo, niyabo, futhi ngakho babheka yonke into encane. Awukwenzi . . . ngeke ngiyisole indoda, niyabo, ngoba ifanele iqonde kuqala.

12 Kodwa into, uma umuntu egxeka ngokuqinile futhi ekwenqaba, khona-ke kukhona okungalungile lapho, uma umuntu engeke anikeze umcabango uku—ukukubheka

eBhayibhelini futhi ukuhlole. Bukani, yileyondlela abaFarisi abenze ngayo iNkosi yethu.

13 Benazi yini wonke umprofethi, owake wavuka emhlabeni, akazange amukelwe ngabantu na? Sonke isithunywa uNkulunkulu ake asithumela asizange samukelwe, futhi babengazi ukuthi isithunywa sasingubani saze safa futhi sahamba. Manje, lokho kunjalo.

14 Nina bantu abangamaKatolika lapha, nehluleka kanjani ukwazi uJoan wase-Arc! Abaningi benu bantwana besikole bayakukhumbula. Lowo wesifazane wayengowesifazane kaNkulunkulu, waprofetha, wayengowesifazane womoya. Niyazi ukuthi ibandla lenu lenzeni na? Lamshisa njengomthakathi. Kunjalo. Kusobala, eminyakeni engamakhulu amabili kamuva nenza ukuphenduka okuthile, namba lowomzimba wabapristi futhi nabaphonsa emfuleni ngenkathi niqonda ukuthi wayengongcwele. Niyabo? Njalo okwedlule.

15 Abakaze bamazi uPatrick. Futhi abantu bacabanga ukuthi uPatrick oNgcwele wayeyiKatolika? Cishe njengoba nginjalo. Buka lapho izikole zakhe ziphezulu e-Ireland, kungekho ziphambano nesiphambano esinesifanekiso sikaKristu naye, wamgxeka esidlangalaleni ngokuqinile uphapha. Kodwa kusobala, bazama ukumenza ngebandla, kodwa kuyiphutha.

16 Ngiphuma emndenini wamaKatoika, ngiyazi ukuthi ngikhuluma ngani, futhi ngine *Facts Of Our Faith*, nazo zonke lezozincwadi engizifundile, kakhulu njengoba ubungazifunda. Futhi ngakho . . . Kodwa lezozinto, niyabo, ziyadlula. Abazange bamazi u-Eliya, abazange bamazi uJohane, abazange bamazi uJesu kwaze kwaba semva kokufa, ukumbelwa, nokuvuka kwaKhe. Futhi manje, uMoya oNgcwele uwa, futhi abayiKuwazi, njengasezinsukwini zikaNowa, kuze kufike uzamcolo futhi ubasuse, kunjalo, uzamcolo omkhulu uyangena.

17 Kodwa ukuba labobaFarisi babengavele bahlale phansi, futhi bazindle! UJesu wathi kubo, "Nakhanda ngamatshe abaprofethi. Na—nacaka izindonga zabo—zabo zokwabo . . . napholisha amathuna abo, futhi yini enabafaka lapho." Niyabo? Wathi, "Kanjani . . . ? Ngumuphi kubaprofethi uNkulunkulu amthuma oyihlo abangamkhandanga ngamatshe na?" Niyabo? Futhi labo . . . nokunye nokunye. Sifanele sihlale phansi futhi sikucabangisise.

18 Kwakukhona bona, ofana noNikodemu, ikholwa elizifihlayo, elafika ebusuku, lathi nyelele, lathi, "Rabi, siyazi ukuthi UnguMfundisi ovela kuNkulunkulu, akukho-muntu ongenza izinto Ozenzayo, uma uNkulunkulu engenaye."

19 Bukani uJayiru omncane, mhlawumbe wenza sengathi wayengakholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, kwaze kwaba indodakazi yakhe encane yayisizokufa. UNkulunkulu unendlela yokukukhipha lokho futhi akwenze ukhombise

ubunjalo bakho. Niyabo? Bese-ke efika ehlela ngqo endawaneni, wayeyikholwa; futhi kwadingeka ukuthi kufike endawaneni ukuze kumenze ayibone. UNkulunkulu muhle kakhulu kithi, futhi sibonga abesilisa nabesifazane, njengoba ngihlezi lapha kulobubusuku, nginjalo, okholwa iVangeli, okholelwa ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, ebuka.

20 Bengihlale ngisho ngezinhlangano zethu, ngiyakholelwa kuzo, futhi ngikholwa ukuthi zilungile, zifeza inhloso, kodwa niyabo, lapho senza inhlangano, amaphesenti angamashumi ayisishiyagalolunye ethu lapho senza eyodwa, sibeka phansi, "*Yilokhu* esikukholwayo, *ngqi*." Uma ubungathi, "*Yilokhu* esikholelwa kukho *khefana*, kanye nokunye uNkulunkulu azokwengeza kithi," kulungile-ke. Lokho—lokho kulungile. Niyabo? Kunjalo impela.

21 Ngenkathi iNsika yoMlilo ihamba, u-Israyeli wahamba naYo. Futhi eTestamenteni eLisha, ngenkathi Liqala ukuhamba, njengoba Lenza ncamashi eTestamenteni eLidala, lahamba ngendlela efanayo, U-Israyeli wadingeka alandele leyoNsika yoMlilo, futhi amise ithende ngaphansi kwaYo, futhi ngenkathi Iqala ukuhamba kulokhu ekugcineni, enguqukweni, uMartin Luther waKubona.

22 Kwase kuthi-ke, kwathi uLuther esephelile, bakha inhlangano ezungeze umsebenzi kaLuther, UNkulunkulu waphuma ngqo ngaphansi kwayo, noWesley waKubona, wayesesuka ehamba. Emva kukaWesley, no—no-Asbury, nabanye abaningi, ngenkathi . . . emva kwesikhathi sabo, khona-ke kwenzekani na? Bakha inhlangano ngaphansi kwaYo, uNkulunkulu waphuma ngqo ngaphansi kwayo, waqhubeka ngqo. Niyabo?

23 Futhi manje, thina maPentecostal senza into efanayo. Ungeke uwuhlele uMoya oNgcwele, angeke ukwenze. Siyakholelwa ezinhlanganweni ukugcina ubuzalwane nokunye nokunye, kufeza inhloso enhle, kodwa njalo yelula ingubo ukuze uthole omunye umfowenu, niyabo, futhi ubambe inhliziyo yakho ivulekile ukuze uthole lokho uNkulunkulu aselungele ukukuthumela phansi phezu kwethu. Yileyondlela yokukwenza, lobo ubuzalwane bangempela, futhi ngakho ngiyakuthanda lokho. Lapho thina . . . Uma bengingake ngibone isikhathi lapho ibandla lePentecostal . . .

24 Manje, iPhentekoste aliyona inhlangano, iPhentekoste iSehlakalo. Ngiyazi cishe impela amaLuthela amaningi namaBaptisti namaPresbyterian aneSehlakalo sePentecostal njengabantu bePentecostal abazibiza ngePhentekoste. Ngakho iPhentekoste i—iSehlakalo.

Esikhathini esedlule . . . Ngizoqala lapho, bese-ke ngiyosuka emlayezo wami, noma . . . Ake unginike isikhathi sokusho lokhu. Nizokwenza na? Ngibekezeleleni, kuhle.

25 NgangiseMinneapolis, eMinnesota, lelo yizwe elikhulu laseNorway, futhi nganginomhlangano, futhi sasikwesinye isakhiwo esikhulu, futhi ngangilapho impela ngesikhathi sasebusika, noma, intwasahlobo. Futhi ngahlala ehhotela elishibhile kancane ezansi... Ngikholwa ukuthi amaKristu awafanele abe nayo yonke into engukuziqhenya kakhulu. UJesu wayengenayo indawo yokubeka ikhanda laKhe, niyabo, futhi sizama ukuba nokungcono kunakho konke, nokuvikeleka *okuningi kakhulu* nakho konke okunye. Siyazidabukela. Niyabo?

26 Kodwa ihhotela elincane, futhi lelo... Ngobunye ubusuku ngenkathi ngingena ngivela enkonzweni, ngakusasa ekuseni ngaphuma, ngadla isidlo sasekuseni, futhi lapho ngibuya kwakukhona i—incwadi enamakhasi angamashumi amabili nambili ebhokisini elincane lokugcina izincwadi kimi. Ukuthi indoda yake yazi kanjani ukuthi ngangilapho, angazi. Ngakho ngayifunda, futhi o, ukhuluma ngokugxeka okuhle, kwakukuhle. Futhi ngiyakuthakasela lokho, impela ngiyakuthakasela. Noma iyiphi indoda enephuzu ngempela, futhi efuna ukugxeka, lokho kuyasihlola. Niyazi, ukugxeka kwenza umkhiqizo omuhle, niyabo, lapho sizimisele ukukwemukela, sikuhlole.

27 Ngakho lendoda yayingiklabalasele ngokwesabekayo. Yayiyinhloko yekolishi, futhi yathi, "Ubukhuluma izolo ebusuku ngokuba senkonzweni iminyaka engamashumi amabili nanhlanu," sekungamashumi amathathu nanye manje, kodwa yathi, "iminyaka engamashumi amabili nanhlanu," yathi, "ngangisenkonzweni ungakazalwa." Futhi yathi, "Futhi abanye... Ngibone ezinye izinto ezimandla ezimangalisayo." Futhi yathi, "Ngishayelile izolo ebusuku, amamayela ayishumi nanhlanu esivunguvungwini seqhwa esiphuphuthekisayo, ngicabange ukuthi ngizobona inceku kaKristu. Futhi ngitholeni na? Kodwa isangoma esiphucukile."

28 Futhi yathi... Futhi yayingeke ingibize ngo "Mfowethu," yavele yathi, "Branham," ngakho, lokho kwakulungile. Ngakho yathi, "Futhi wona kanye umqondo... Isayense yezenkolo, ebole kunazo zonke engake ngayizwa empilweni yami," futhi yathi, "isibonelo, usho lokhu, ukuthi uSathane wayengeke aphulukise." Yathi, "Umuntu oma phambi kwabantu abaningi njengoba wenza futhi enze iphutha elinjalo," yathi, "ngani, kuyesabeka."

29 Yathi, "Manje, ake ngikutshele okuthile, nsizwa," yathi, "ngale emva kwekholiji lethu lapha, noma indawo yethu," yathi, "kukhona owesifazane onomoya wedlozi." Futhi yathi, "Ufake iphinifa elikhulu," futhi yathi, "abantu beza lapho ukuzela ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu." Futhi yathi, "Bona... Futhi uyahamba, futhi ethinta phezu kwabo bonke, *kanjalo*

ngezandla zakhe," futhi yathi, "khona-ke into yokuqala uyazi, bawisa imali kuleliphinifa."

30 Manje, ubungabona khona lapho, akukho ngokomBhalo, futhi akulungile kwasekuqaleni, nanoma ubani onanoma yiluphi—yiluphi ulwazi ngoNkulunkulu. Niyabo? Futhi yathi, "Khona-ke uthatha, futhi adonse ezinye izinwele ngemuva kwentamo yakhe, adonse igazi emithanjeni yabo, futhi asonge lolunwele kulo, ahambe ehlele emfudlaneni omncane ngemva kwendawo, aziphonse phezu kwekhanda lakhe angene emfudlaneni."

31 Futhi yathi, "Khona-ke uqala ukuya ngakubantu, futhi uma ephoqeleka ukuthi abuke emuva," yathi, "abantu . . . isifo sibuyela kubantu; uma engakwenzi," yathi, "khona-ke, ngani, isifo asibuyi."

32 Futhi yathi, "Sikubhekile lokho," futhi yathi, "iphesenti *elithile* labo liyasinda." Futhi yathi, "Wona kanye umcabango wakho uthi uSathane angeke aphulukise!" Awu, waqhubeka nokuyinqwaba.

33 Futhi ngacabanga, "Awu-ke, uma ethathe isikhathi esanele ukungibhalela amakhasi angamashumi amabili nambili, bengifanele ngimbhalele okungenani amakhasi amabili ngimphendule njengempendulo." Ngakho ngaqobela phansi konke ebengingakwenza, angikwazi ngisho ukufunda umbhalo wami uqobo kanjalo, futhi ngambhalela okuthile okuncane. Futhi ngathi, "Mfowethu oligugu," Kwadingeka ngimbize kanjalo, noma iyiphi indoda eyayikade ishumayele iminyaka engamashumi amahlanu yayifanele ithathwe njengo "Mfowethu," ishumayela iVangeli, akunandaba ukuthi bekunjani. Futhi ngi—ngi—ngimthatha njengomfowethu.

34 Futhi ngathi, "Impela ngiyakuthakasela futhi ngiyakwazisa kakhulu, iminyaka yakho emide yenkonzo yeNkosi yethu." Futhi ngathi, "Ngi—ngiyambonga impela uNkulunkulu, ngokukuvumela ukuba uphile kulonyaka omuhle ovuthiwe, nezinto ozenzile," nokunye nokunye. Futhi kwakukhona omunye umfowethu naye, ngakho-ke . . . walelikolishi.

35 Khona-ke into yokuqala uyazi, nga—ngathi, "Kodwa i . . . Into exake kanjena kimi," ngathi, "ukuthi ungigxeka kakhulu lapho ngithi uSathane akakwazi ukuphulukisa." Ngathi, "Manje, uthe uSathane angaphulukisa, uJesu wathi, 'Uma uSathane ekwazi ukukhipha uSathane, khona-ke umbuso wakhe uhlukene phakathi.'" Ngathi, "Manje, ubani engizomkholwa na? Wena, noma lokho okwashiwo uKristu na? USathane akakwazi ukuphulukisa, uKristu washo njalo. Usebenza ngokumelene naye, akakwazi ukuphulukisa."

36 Kodwa ngathi, "Futhi ukuzama ukuchaza, uma uzo ex- . . . ngixolele," Ngathi, "kwinhloko yekholiji, noma indoda enkulu njengawe, ukuthi ngingathanda ukukutshela, ngiyisithunywa

senkolo, ngibone abantu beza ezithixweni futhi baphulukiswe. ELa Salle, eLorraine, eFrance, kukhona isithixo sowesifazane; futhi ezansi eParis ngabona lapho ababeno—owesifazane, owesifazane ofile lapho, futhi babehlikihle itshe lonke ngemva kwakhe ukuze bavimbele izinhlupho zedolobha. Ngizibonile zonke lezozinto.

37 "Futhi ngibabonile abantu eMelika, abazibiza ngabaphulukisi ngokukaNkulunkulu, futhi uthi, 'nginokuphulukisa *lapha*, nokuphulukisa *ngale*ndlela, nokuphulukisa *kulokhu*.'" Ngathi, "Kuyinto efanayo." Niyabo? "Ukuphulukisa kukuKristu." Impela.

38 Kodwa ngathi, "Abantu . . . Angingabazi, ukuthi labobantu bayasinda. Kodwa nakhu okwenzekayo, i . . . Ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu kusekelwe phezu kwe . . . phezu kokukholwa. Futhi labobantu beza kulowomthakathi okhuluma ngaye, kusobala bayakwenza, bacabanga ukuthi basondela kuNkulunkulu ngalowomthakathi, naphezu kwesisekelo sokukholwa kwabo uNkulunkulu uyabaphulukisa." Niyabo? Bona—bona . . . Impela. Wena . . . Uma unokukholwa okwenele ukukukholwa, kuzokwenzeka. Kunjalo impela.

39 Kodwa ngathi, "Into exakile kimi, ukuthi inhloko yekholiji lamaLuthela ibiyosekela ukukholwa kwayo phezu kwesehlakalo esikhundleni seZwi likaNkulunkulu lapho uKristu ethe uSathane wayengenakuphulukisa. Kuyindlela yabo yokusondela, bekholwa ukuthi basondela kuNkulunkulu ngomthakathi, nangesithixo, nokunye nokunye. Ngabantu abangenacala abakholwa ukuthi uNkulunkulu uyaphulukisa."

40 Awu, cishe unyaka emva kwalokho ngangibuyele lapho ngenxa yeChristian Business Men emhlanganweni. Futhi omunye umfowethu oyigugu, uDkt. Hegre waseBethany College, wangibhalela incwadi, futhi wathi ubengathanda ukuba nami laphaya. Ngangesaba ukuhamba, ngoba ngangizazi lezoziqhwaga ezinobuhlakani. Benginakho . . . Imfundo yami encane yokukhulunywa nokubhalwa kolimi yesikole yayingemelane neyabo. Futhi wangimema, ngase ngithi kuMfowethu Moore, "Uma uzohamba nami manje futhi kudlule imfundo yami, ngizokushayisa edolweni ngelami futhi wena uthathe kusukela lapho," futhi ngakho wavuma ukuhamba.

41 Ngakho sahlala etafuleni, basendlalela itafula elihle phansi ekamelweni lokujima. Abesifazane abancane abathandekayo bamaLuthela basilethela isidlo sethu sakusihlwa esimnandi, esimnandi kakhulu. Futhi laph- . . . UDkt. Hegre wahlala eduze kwami, futhi wathi, "Manje, Mnu. Branham," lapho siqeda, wathi, "Ngifuna ukusho lento eyodwa, ngiyaxolisa," okwashiwo yindoda. Wathi, "Manje, kodwa ngi . . . "

Ngathi, "Lokho kwathethelelwa ekuqaleni."

42 Futhi wathi, "Silambile, lapha eBethaniya." Wathi, "Si . . . " Kukhona okukhulu . . . Abafundi, uma bengakwazi ukukhokhela indlela yabo, banamakhulu ama-eka ommbila nezinto abazikhulisayo, futhi basebenze indlela yabo ngekolishi, isikole esihle kakhulu. Futhi wathi, "Silambile. Sifunda ngoNkulunkulu." Futhi wathi, "Sathola phakathi *lapho*, eminyakeni ethi ayibe mibili edlule, ngoMoya oNgcwele nokuthi Wasebenza kanjani."

43 Futhi wathi, "Saya kumaPentecostal azisho ukuthi anaWo." Futhi wathi, "Sibabonile bekhahlela izihlalo, beshaya bekhipha amafasitela, nokunye nokunye." Wathi, "Yini abanayo na?"

Ngathi, "UMoya oNgcwele."

Futhi wathi, "Lokho?"

44 Ngathi, "Impela. Banomfutho omningi kakhulu bafanele bashaye ikhwela, abayikukwenza kusebenze, bakuyeke kusebenze," ngathi, "yilokho kuphela. Kukhona umfutho omningi kakhulu . . . uyakhela, bafanele bakuthole ngandlela thize." Futhi ngathi, "Bavele . . . Uma ubungafaka lawomandla afanayo, leyonto efanayo emnyakazweni, ekukholweni, neZwi likaNkulunkulu, futhi uyokunyakazisa, niyabo, esikhundleni sokuvele ukuphephethe. Niyabo? Kungukuthi . . . UMoya oNgcwele uyakwakha phakathi lapho."

Futhi wathi, "Awu, manje-ke ucabanga ukuthi thina maLuthela sinani na?"

45 Ngathi, "UMoya oNgcwele." Futhi khona-ke wama wangibuka, futhi ngacabanga, "Nkosi, uma Wake wangisiza, Kwenze manje, ngoba ngizitholile ngempela . . . "

Wathi, "Awu . . . "

Ngacabanga, "Uma nje Uzongisiza, Nkosi." Ubelokhu ekwenza, phakathi kwezinyanga-bathakathi nodeveli, nasemhlabeni jikelele ezindaweni eziminyene.

Futhi wathi . . . Ngathi, "Awu, lalela, Mnumzane."

46 Wathi, "Saya e . . . sandizela eLos Angeles endodeni eyabhala incwadi ngazo zonke iziphiwo." Futhi wathi, "Ngenkathi sifika lapho, yathi, 'angifuni . . . Anginayo neyodwa yazo.' Wathi, 'Ngi—ngivele ngabhala ngazo.'"

47 Wathi, "Awu, sasingenza into efanayo lapha, ngoba wakukhipha khona ngqo emBhalweni; sifuna ukukubona. Ngalobobusuku ngenkathi sehla lapho futhi sibona lokho, sase sinqume ukuthi kwakungalungile, futhi yingakho sikubize ngomthakathi ophucuzekile."

Ngathi, "Awu, ngiyakuxolela ngalokho njengoba ngishilo." Kodwa ngathi . . .

Wathi, "Sinani—nani thina maLuthela na?"

48 Ngathi, "Ngathi, 'UMoya oNgcwele.' Manje lalela," bengicabanga ukuthi ngizogcina . . . khulume ngolayini wakhe ngqo ukuze azi, ngathi, "ngesinye isikhathi indoda yalungisa insimu enkulu, futhi yatshala isitshalo sommbila. Yayilokhu isibuka usuku nosuku, kwaze kwathi ngobunye ukusa yaphuma, futhi kwakukhona amadlebe amabili akhulayo." Uyazi ukuthi uyini ummbila lapho umila. Ngathi, "Indoda yasukuma egosini layo yathi, 'Makadunyiswe uNkulunkulu ngesitshalo sommbila.'" Ngathi, "Manje, yayinaso na?"

Wathi, "Awu, ibinesiqalo sawo."

49 Ngathi, "Khona-ke, sizothi, 'Sekungashiwo ukuthi yayinawo.' Masinyane lawo . . . Lokho kwakuyini maLuthela ekuqaleni." Futhi ngathi, "Masinyane lawomahlamvu akhula, nentshakaza yaphuma kuwo, lawo kwakungamaMethodisti."

50 Futhi ngathi, "Khona-ke amaMethodisti abheka emuva phansi kumaLuthela athi, 'Angikudingi, ngiyintshakaza, awukho kuyo.' Kodwa niyabo, kwakufanele isebenzise iqabunga futhi ngoba . . . ukuze impova ingene, futhi kuphume idlebe, iPhentekoste, nelokuqala, njengoba kwakunjalo ekuqaleni, uhlamvu olwangena emhlabathini, lwaluveza uhlamvu." Ngathi, "Manje, sinokukhunta okuningi esikhwebini, kodwa sinezinhlamvu futhi." Kunjalo. Ngathi, "Njengoba kwakunjalo ekuqaleni."

51 Ngathi, "Yingakho ngiphakathi kwabantu, bangabantu bakaNkulunkulu." Futhi ngathi, "Niyabo, ibandla lePentecostal liyibandla lamaLuthela elithuthukile, ngoba impilo efanayo eyayiseqabungeni yenza ummbila." Kunjalo. Futhi wakubamba.

52 Wabuyela ngokushesha epuletini lakhe wasukuma. Wathi . . . wabheka phansi kubalingani bakhe, bonke abafundi, kanjalonjalo, nezinhloko, nesigungu, futhi wathi, "Silapha eBethaniya silambele uMoya oNgcwele." Wathi, "Mfowethu Branham, sizokwenzenjani ukuWemukela na?"

Ngathi, "Fulathelisa ubuso bakho etafuleni, yana uncike edongeni, futhi uguqe phansi uncike odongeni, futhi ubeqotho ngempela."

53 Wehla futhi wabeka izandla phezu kwabo, abangaphezu kwamashumi amane bamukela uMoya oNgcwele khona lapho, futhi manje sebengaphezu kwamakhulu amane kulesosikole benza zonke izinhlobo zezibonakaliso, izimangaliso. Kuyini na? Leyo iPhentekoste lamaLuthela. Niyabo? Yonke indawo, yonke indawo uMoya oNgcwele . . . Ngeke sikubophe phansi Lokhu bese sithi, "Thina maPentecostal sinaKho." UNkulunkulu wephule lowomngcele futhi waqhubeka waphuma phakathi lapho, futhi wathola yonke into eyayikhona, "Kulowo othandayo, makeze." Niyabo? Okwabantu.

54 IPhentekoste iyiSehlakalo. AmaRoma aKatolika, amaJuda oMthetho, noma ngabe bangaba yini, iShayina, uBuda, o, yonke into, iVangeli ngelalowo othandayo, angeza.

55 O, ngiyakuthanda nje, futhi ngiyakuthanda nje. O, ngikuthanda kanjani! Futhi ngiyazi ukuthi uNkulunkulu uyakwazi, ngosuku lokugcina, ukuvusa lokho Ashilo ukuthi Uyokwenza, ngiyakukholwa lokho. Ngiyakholelwa ovukweni lukawonkewonke, ukuthi labo abafa emuva lapho enkolweni yamaLuthela ekuqaleni ngeke . . . laba . . . ngeke babavimbele laba . . . "Icilongo likaNkulunkulu liyokhala, futhi bonke abafele kuKristu bayovuka." Kunjalo.

56 Ngikholwa ukuthi iBandla liza ekuph- . . . Ukuphelela kwalo njalo njalo, kuyakhuphuka. Futhi njengoba isitha singena njengozamcolo, uMoya kaNkulunkulu uphakamisa ibhanela ngokumelene nalo, okukhulu, nokukhulu, okukhulu kwakhela. Manje, kusezansi ngqo kuleyonto yokugcina, ebengikhuluma ngakho izolo ebusuku. O, ngiyakholwa ukuthi Uzofika. Futhi ngikholwa ukuthi lemizimba yethu emidala ebuthakathaka izoguqulwa futhi yenziwe ifane noMzimba waKhe uQobo okhazimulayo.

57 Ngishumayela ngokuthi Waphendulela kanjani u-Abrahama noSara, emuva lapho, ensizweni nentombi ukuba babe naleyongane, esho lokho, esikhathini esidlule ngangikama lezizinwele ezimbili noma ezintathu ezisele. Umkami wathi kimi, wathi, "Billy, usucishe ube nempandla."

Ngathi, "Kodwa angilahlekelwanga nawolulodwa lwazo."

Wathi, "Khona-ke, ngiyakuncenga ngitshele ukuthi zikuphi."

58 Ngathi, "S'thandwa, ngitshele ukuthi zazikuphi ngaphambi kokuba ngizithole, noma yikuphi lapho ezazikhona ngaleyonkathi, zisemuva lapho manje zingilindele ukuthi ngize kuzo." Amen. Kunjalo. Lokho ngukuthi . . . "Ngisho nezinwele zekhanda lakho zibaliwe. Akukho nolulodwa lwazo oluyoshabalala." Kunjalo impela. Senziwe ngani na? Senziwe ngezakhimzimba eziyishumi nesithupha, lokho yipotashi, nepetroliyamu, nokukhanya kwezulu nomhlaba, nokunye nokunye. Futhi yilokho nje uNkulunkulu abe nakho kahle . . .

59 UnguSonkontileka omkhulu. Ngaphambi kokuba abe nesidalwa esingumuntu emhlabeni, Wenhlala izinto zokwakha, njengosonkontileka owakha isihlukaniso. Wayezokwenza umuntu ngomfanekiso waKhe uQobo futhi abanike umhlaba ukuba bahlale kuwo, futhi babengonkulunkulu abancane kunaYe.

60 UJesu wathi, "Umthetho wenu uthi ningonkulunkulu." Lokho . . . Ukubusa, amakhosi, ukubusa phezu komhlaba, wayengenza noma yini ayefuna ukuyenza. Futhi isono siyangena, futhi manje owesifazane uletha umntwana,

futhi lakho kwenza, lowomntwana ufanele afe. Niyabo? Kunjalo impela, kungukuzalwa okuhlanekezelwe. Kodwa-ke lapho ukuzalwa okusha kungena, kulungisa lokho kuzalwa okuhlanekezelwe futhi kukunike ukuPhila okuPhakade ngoBaba, uJesu Kristu.

61 O, mfowethu! UJesu wathi, "Ozwa iZwi laMi . . . Odla inyama yaMi, aphuze iGazi laMi, unokuPhila okuPhakade; futhi Ngizomvusa futhi ngomuhla wokuphela." Amen. "Konke uBaba aNgiphe khona kuyakuza kiMi," futhi akukho okulahlekile. Amen. Uyobuye akuvuse ngosuku lokugcina. Ukufa noma akukho okunye okungasehlukanisa, sihlala siseBukhoneni bukaNkulunkulu. Ngikuthanda kanjani lokho!

62 Isicaphuno esincane . . . Mina ngingivamile kakhulu . . . Angisho okuningi kakhulu, ngivele ngikhulume kakhulu, futhi ngingasho lutho. Kodwa ngesinye isikhathi . . . Angifani nabafowethu abangabashumayeli lapha, abayizifundiswa futhi bayazi ukuthi zihlelwa kanjani lezozinto ngokwenqubo. Kodwa ngezinye izikhathi ngisho into ethize, futhi ku—kungisiza kakhulu, noma kanjani. Futhi kungekudala ngasho into ethize eyayinkulu kakhulu kimi.

63 Ngangicabanga ngesiqiniseko sokudlula kwethu. Khona-ke . . . Siyaqaphela ukuthi ngesinye isikhathi abantwana bakaNkulunkulu babeyizigqila ezansi eGibhithe. Babebajikijela ngesinkwa, esikhuntile, esibolile, noma ngabe kwakuyini, babefanele basidle. Badlwengula amantombazane abo, babulala amadodana abo, noma yini ababengayenza . . . Futhi labo kwakungabantu bakaNkulunkulu. Kunjalo. Manje, futhi ngakho babeyizigqila, futhi abakwazanga ukuzisiza.

64 Kodwa ngelinye ilanga, owehla ephuma ehlane, kufika umprofethi ne—neNsika yoMlilo phezu kwakhe, futhi wabatshela iZwi likaNkulunkulu, ukuthi kwakukhona izwe elalichichima ubisi nezinyosi ukuthi uNkulunkulu ayelethembise u-Abrahama ukuthi wayeyoyisa abantwana bakhe kulo. Futhi lomprofethi waqinisekiswa ukuthi ungokaNkulunkulu ngezibonakaliso nezimangaliso azenzayo ngenkathi eseGibhithe, futhi abantu bayikholwa lendoda.

65 Futhi waphuma eGibithe, abantwana bakwa-Israyeli bakwenza, futhi bafika endaweni yaseKadeshi Barineya, okungukuthi noma yisiphi isifundiswa siyazi, ukuthi iKadeshi-barneya, ngesinye isikhathi, yayiyisihlalo sokwahlulela sezwe. Kulapho u-Israyeli ahlangana nokwahlulelwa kwakhe, ngenkathi ehluleka ukukholwa isibonakaliso sokuthi babebuye namagilebhisi nezinto ezivela ezweni.

66 Manje, khumbulani, akekho owayeke waba kulelizwe, eqenjini labo, babezwe ngakho. Ukukholwa kuvela ngokuzwa, futhi uNkulunkulu wenza isithembiso. Niyakuthola na? UNkulunkulu wenza isithembiso, futhi nakhu kufika uMose,

umprofethi obalekayo, phakathi lapho nezibonakaliso eziqinisekisiwe, futhi efakaza ukuthi kwakunguNkulunkulu ebayisa kulelizwe abangakaze balibone. Uhlobo oluphelele kanjena lwanamuhla! Akekho phakathi kwethu oke wabangale.

67 Qaphelani, lapho befika eKadeshi-Barineya, isihlalo sokwahlulela, babeneqhawe elikhulu phakathi kwabo okwakuthiwa uJoshuwa, okusho ukuthi "Jehova-Msindisi," *Joshuwa*. Manje, wawela iJordani wangena kulelozwe lesithembiso, futhi wabuya nobufakazi bokuthi kwakuyizwe elihle. Wayenamagilebhisi, amadoda amabili athwale isixheke. Babenganambitha izinto zasezulwini bengale ezweni lesethembiso, izwe elihle elichichima ubisi nezinyosi. Bayabuya ukuzofakaza ukuthi izwe laliyiqiniso, ukuthi iZwi likaNkulunkulu laliyilokho impela uMose ayethe Laliyikho ngokuphefumulela kukaNkulunkulu. Kwakulapho.

68 Babengaba namakhaya abo uqobo. Abahlali. . .Isizathu, kwakudingeka balwe lonke iyintshi lendlela abayithatha. UNkulunkulu watshela uJoshuwa kuJoshuwa 1, ukuthi "Yonke indawo lapho amathe ezinyawo zakho ehlala khona, lokho kuyifa." Kungaleyondlela namhlanje, yonke indawo amathe ezinyawo zethu ahlala khona, yifa. Qhubeka uhamba nje, amanyathelo asho ifa; vele ukuthathe.

69 Manje, khumbulani, babefanele balwe lonke iyintshi lendlela. Abanye abantu bangathatha iNkemba esika nhlangothi zombili futhi balwe nje isithunzi esincanyana sihambe, abanye banganqamula baye ekuphulukiseni ngokukaNkulunkulu, sonke isithembiso sikaNkulunkulu ngaKho. Kunjalo. IZwi liyiNkemba, futhi kuthatha ukukholwa ukusebenzisa leyoNkemba, kunjalo, ukukholwa eZwini elithenjisiwe.

70 Manje, siyaqaphela ukuthi ngenkathi. . .Bayabuya, futhi bathi babengaba namakhaya abo nokunye nokunye. U-Israyeli wawelela ezweni lesethembiso, wakha amakhaya, wakhulisa abantwana bakhe, waphila ngokuthula, zonke ezinye izizwe zazibahlonipha. Into emangalisa kanje pho! Kodwa ekugcineni, emagqumeni kusakazeke amathuna. Bababadala, bafa, bambelwa.

71 Khona-ke ngelinye ilanga kwafika elinye iQhawe elikhulu, elikhulu kunawo wonke: u-Emanuweli. Wehla, futhi Wathi, "Akusilo izwe leli. Kodwa eKhaya likaBaba waMi kunezindlu eziningi, uma bekungenjalo beNgiyonitshela. Futhi Ngizohamba nginilungisele indawo, futhi ngibuye futhi ukuze nginamukele kiMi."

72 Qaphelani, Weza eKadeshi-barneya yaKhe, iKalvari, lapho Amela ukwaHlulelwa kwesono kwethu sonke. Inhlawulo yokwaHlulela kukaNkulunkulu kwahlangatshezwana nayo ngobulungiswa lapho uKristu efa eKalvari, ekhokha inani lesono ngathi sonke. Futhi Wawela eJordani, njengoba

sikwazi, iJordani lokufa, ngale ezweni, futhi wabuya ngosuku lwesithathu, njengoba kwenza uJoshuwa, eletha ubufakazi bokuthi ngemva kokufa komuntu angaphila futhi. Kukhona ukuphila ngale kokufa, Wakufakazisa.

73 Futhi manje, Wathi, "Ngesibambiso salokhu, iphansi..." uyazi ukuthi siyini *isibambiso* sanoma yini, idiphozi, "khuphukelani lapho emzini waseJerusalema futhi nilinde. Ngizokuthumelela isibambiso sensindiso yakho." Amen. Manje, ngiqala ukuzizwa nginokholo. Futhi balinda baze bathola isibambiso.

74 Manje, ngisho kuze kube namuhla, lowoMoya oNgcwele ofanayo, osiphakamisile sisuka ekuphileni kwesono lapho esake sahlala khona...Futhi sesivele sifile kuKristu, sambelwa, futhi savuswa naYe ekuvukeni kwaKhe, futhi sihlezi manje ezindaweni zaseZulwini kanye naYe, amen, siMbuka esebenza phakathi kwethu. Ngani na? Kungani ngingekho ngaleya phakathi kwamahlelo na? Ngoba yilabo abafileyo futhi bambelwa kuYe, futhi bavuka naYe ekuvukeni kwaKhe, futhi manje, hhayi ukuthi siyo, manje sisezindaweni zaseZulwini kuKristu Jesu, sibuka emuva lapho esake savela khona; ubufakazi obuqondile bokuthi semukela ingxenye yakho ngoba sifile, nokuphila kwethu kufihliwe kuNkulunkulu ngoKristu, futhi sesivele sivusiwe futhi ekuvukeni kanye naYe. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] Amen. O, he!

75 Njengoba udade omdala oyikhaladi asho, ngiyaxolisa, bangane bami abangamakhaladi, ngizokubeka ngendlela enza ngayo, wayengowaseningizimu kakhulu, wathi, "Wells, ngifuna ukwenza ubufakazi, kulobubusuku, Dokotela."

"Kulungile. Qhubeka, Dade."

76 Uthi, "Ngifuna ukusho lokhu: angisikho lokho ebengifanele ngibe yikho," futhi wathi, "Angisikho lokho engifuna ukuba yikho, kodwa kunento eyodwa eqinisekile, angisesikho lokho engangivame ukuba yikho." Yebo, mnumzane. Wayazi ukuthi wayevukile ndawana thize. Amen.

77 Kuyini na? Ubufakazi bokuthi sesifile manje, ukuphila kwethu kufihliwe kuNkulunkulu ngoKristu, kwaphawulwa ngoMoya oNgcwele, futhi savuswa kanye naYe, futhi sihlezi ezindaweni zaseZulwini siMbhekile. Cabanga ngakho. Asinamandla, kodwa igunya, asinawo amandla, sinegunya. UKristu unamandla, Ungamandla, kodwa thina sinegunya.

78 Akufanele kube kakhulu kskhulu. Thatha iphoyisa elidadlana, limi phandle lapha emgwaqeni, nevolovolo lalo liliphethe eceleni, siligobisa emaceleni, ikepisi lalo—lalo lishone phansi, lilehlisele ezindlebeni zalo, nezimoto zehla ngomgwaqo, zihamba amamayela angamashumi ayisithupha ngehora, alinawo amandla okumisa eyodwa yazo. Qhabo, mnumzane.

Ngani, ezinye zawo amandla amahhashi angamakhulu amathathu noma amane, endwiza lapho.

79 Kodwa nje ake liphumele lapho, leyonkanyezi ikhanya, liphakamise lelogilavu, lishaye impempe. Uzwa amabhuleki ekhala nakho konke okunye. Alinawo amandla, kodwa linegunya. Amen. Haleluya! Yilapho iBandla likhona kulobubusuku. Linegunya ngoba Livuswe kuKristu. Igunya!

80 Manje, uma iphoyisa lithi, "Ngiyesaba ukuphumela lapho. Angazi, ihhovisi lami lingahle lingangisekeli," bazoqhubeka nokudlula bendwiza. Futhi ngiyanitshela, ngisho nokufa uqobo lwakho kunswinizisa amabhuleki lapho lelogunya liphakama eGameni leNkosi uJesu, "NgeGama laMi bayokhipha amademoni; bakhulume ngezilimi ezintsha; baphathe izinyoka, noma baphuze okubulalayo; ubeke izandla zakho phezu kwabagulayo, futhi bayosinda."

Ng'yaMthanda, ng'yaMthanda
Ngoba Wangithanda kuqala
Wang'thengel'insindiso
Emthini waseKalvari.

81 Baba Nkulunkulu, sinikeza lobubufakazi ukuze nje sisize abantu. Manje, lungisa izingqondo zethu, Nkosi, njengoba sisondela eZwini laKho. Siphe, Nkosi, ukuthi uMoya oNgcwele uzothatha amazwi ambalwa alandelayo manje, futhi uwacwilise ezinhliziyweni zabantu, futhi sengathi kungaphuma izinsimbi zenjabulo zaseZulwini zikhala kuzo zonke izinhliziyo. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

82 EVangelini likaMathewu oNgcwele isahluko se 4, futhi ngifuna ukufunda ivesi le 17.

> Futhi *kusukela kuleso sikhathi uJesu waqala ukushumayela,* ethi, *Phendukani: ngokuba umbuso wezulu ususondele*.

83 Manje, cishe imizuzu engamashumi amabili noma amathathu yesikhathi sakho: *Kusukela Kuleso Sikhathi*. Ngifuna ukusebenzisa lokho njengendikimba: *Kusukela Kuleso Sikhathi*, amagama amathathu. Manje, kukhona izikhathi, nezinto ezenzekayo ezishintsha yonke indlela yokuphila kwethu, siyakwazi lokho, sonke siyakwazi. Izinto ezithile zenzeka ohambweni lokuphila okuguqula yonke inkambo yokuphila kithi.

84 Manje, njengomntwana, ungahle ukuthi wathi, ngenkathi usengumntwana, ukuthi izinto ezithile zenzeka. Nganginendoda ekhaya . . . Lemibono eniyibona lapha emsamo kuphela i . . . iyiyo ngempela . . . yimibono, kodwa hhayi umbono wangempela. Iyi . . . Nguwe owenza lokho. Aku—akusimina, nguwe, uyakwenza ngesingawe, awunakho ukuzwa ngakho, kodwa uyakwenza. Awukwazi ukuchaza uNkulunkulu. Noma ubani . . . Ufanele ukholwe uNkulunkulu ngokukholwa. Uma

ukwazi ukuchaza uNkulunkulu, akusesikho ngokukholwa. Akekho ongaMchaza.

85 Kodwa kufana nokuthi lapho . . . uJesu wayeyiSipho sikaNkulunkulu emhlabeni. Kodwa kwathi ngolunye usuku uLazaru egula, ngaphambi kokuba agule, UNkulunkulu watshela iNdodana yaKhe, "Hamba," futhi waMtshela konke okwakuzokwenzeka, ngoba Wathi kuJohane oNgcwele 5:19, "INdodana ingenze lutho ngokwaYo, kuphela lokho Ebona uYise ekwenza." Manje, lokho kufanele kube yiqiniso noma Wa—Waqamba amanga, futhi awukwazi ukuMenza aqambe amanga ngoba UnguNkulunkulu. Niyabo? Ngakho uBaba waMmukisa. Bathumela kuYe ukuba ayotholela uLazaru usizo, kodwa esikhundleni sokuza, Wavele wakushaya indiva; Wayazi ukuthi kwakuzokwenzekani, ngakho Waqhubeka. Baphinda bathumela, Waphinda wakushaya indiva. Ekugcineni Wathi, "ULazaru ulele."

Bathi, "Wenza kahle."

Khona-ke Wabatshela ngolwimi lwabo, "ULazaru ufile. Futhi ngenxa yeyenu isa- . . . ngenxa yenu, ngiyajabula ukuthi beNgingekho, kodwa Ngiyahamba ngiyomvusa."

86 Manje, Wahlangana noMarta, noMarta wathi, "Nkosi, ukube Ubukhona, umnewethu ngabe engafanga. Kepha nakalokhu, noma yini Oyicela uNkulunkulu, uNkulunkulu uzaKunika khona."

87 Futhi ekubukeni ithuna, uBaba wayesevele eMbonisile, Wathi, "Baba, NgiyaKubonga, Usuvele uzenzile lezizinto. Kodwa," Wakhulekela isibonelo, "Ngikusholo laba abami eduze. Lazaru, phuma." Futhi indoda, yayikade ifile izinsuku ezine, yavuka futhi iphuma ethuneni, siyakukholwa lokho, iVangeli. Akazange asho lutho ngokuba buthakathaka, kodwa owesifazane omncane wathinta umphetho wengubo yaKhe, futhi Wathi Waba buthakathaka.

88 Kwakuyini na? Lowo kwakunguBaba esebenzisa isiphiwo saKhe. Futhi lokho kwaMenyusa, futhi kwaMkhombisa okwakuzokwenzeka, nalokho okwakuzofezeka, nokunye nokunye. Futhi khona-ke yilokho okwakuyikho, Waqhubeka futhi nje wakwenza njengomdlalo wasesiteji.

89 Kodwa lona wesifazane, yena, ekukholweni kwakhe, wayesebenzisa isiphiwo sikaNkulunkulu. Wathi, "Uma nje ngingaMthinta." Niyabo? Futhi kwakungowesifazane . . . UJesu wayengazi ukuthi kwakungubani owayekwenzile. Wathi, "Ukukholwa kwakho . . ." hhayi, "Ngine . . ." kodwa, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Niyabo? "Ukukholwa kwakho . . ." Hhayi ukukholwa *kwaKhe*, ukukholwa *kwakhe* owesifazane, futhi yingalesosizathu kwaMenza wababuthakathaka.

90 Manje, emihlanganweni nalabo abaphumayo futhi balandele, futhi bayazi ukuthi kanjani uMoya oNgcwele . . . lezizinto lapha, zingakwenza usole, kodwa—kodwa uma ungaphuma kanye futhi ubuke ukuthi kwenzekani, futhi nje ukubona ukuthi Ubikezela kanjani impela . . .

91 Futhi ngibuza noma ubani noma yini Owake wakusho, empilweni yami yonke, kodwa lokho nje okwenzeka ngempela ngendlela Owathi kuyokwenzeka ngayo. Kunjalo. Ngiyakusho izinyanga nezinyanga kungakenzeki, impela nje. Bangaki ababelapha ngenkathi ngiqala ukudlula eWashington eminyakeni edlule na? Niyakhumbula, bengizofanele ngibambe abantu ngesandla sami, futhi ngime lapho futhi ngibababambe ukuze ngazi nje ukuthi bekuyini. Futhi nginitshelile nonke-ke ukuthi Wangitshela uma ngingaba qotho, ukuthi ngiyokwazi yona impela imfihlo yenhliziyo. Bangaki abaziyo ngami ngibikezela lokho na? Nakho-ke. Niyabo? Ingabe kwenzeka na? Impela nje. Niyabo?

92 Futhi ngilindile khona manje. Kungani ngibamba lemihlangano kanje na? Ngimile, ngilinde ukubona ukuthi uyini umnyakazo olandelayo. Kunjalo impela. Angazi ukuthi ngiye ngaphi. Ngizoya emasimini ezimishini emva kwalokhu, ngimangele nje, ngoba ngiyazi ukuthi sisekupheleni impela. Niyabo? Kusondele kanjani na? Angazi, kodwa ngikholwa ukuthi sisekupheleni.

93 Kwenzeke izinto ezithile. Ngenkathi ngisengumfanyana Wakhuluma nami, Wathi, "Ungalinge ubheme noma uphuze, noma ungcolise umzimba wakho, kunomsebenzi okumele uwenze lapho Ngithola . . . lapho usukhulile." Kusencwadini emuva lapho, ungahle uyifunde. Futhi umama wami kanye nabo, bacabanga ukuthi mina, nginokwethuka nje.

94 Futhi khona-ke Kwaqhubeka, futhi izinsuku ezimbili, izinsuku ezintathu emva kwalokho, kwasho ukuthi lelobhuloho lizowela kanjani umfula, ngaphansi nje kwendawo yethu manje, amadoda ayishumi nesithupha ayezolahlekelwa ukuphila kwawo kulo, futhi bakubhala phansi, futhi eminyakeni engamashumi amabili-nambili kusukela lapho kwenzeka khona impela nje, futhi amadoda ayishumi nesithupha alahlekelwa ukuphila kwawo. Akukaze kube, ezinkulungwaneni zezinto, kodwa obekukade kuyikho ngokuphelele. Niyabo? Kunjalo. Niyabo, lezizinto ziyenzeka lapho usengumntwana, lokho kuhlaba umxhwele.

95 Manje, isikhathi, njengoba isikhathi siqhubeka, kusukela esikhathini kuya esikhathini izinto ezishiya umbono ekuphileni kwethu. Ngokwesibonelo, njengoba sisho, owesifazane oziphethe kabi. Ngibe nabo ekuvumeni izono. Ngibe noyedwa esikhathini esingeside esidlule, kwakuwudaba oludabukisa kakhulu. Ekhaya, sahlala lapho, futhi bona . . .

96 Abantu bashaya ucingo, bayangena bevela ezweni lonke. Umphatheli webandla lethu...Futhi abanye babo bakulesisakhiwo kulobubusuku. Bayazi ukuthi kuyiqiniso. Kukhona cishe abangamakhulu amathathu ohlwini lwabalindile, futhi bayangena bevela e-Afrika, bevela e-Asia, bevela eYurophu, bevela yonke indawo ebengikade ngikuyo, belindile, bebuka, bayabhala emuva naphambili baze bathole isikhathi. Futhi sihlala khona lapho uMoya oNgcwele aze embule yonke into, bese-ke ebatshela ukuthi benzeni nokuthi bakwenze kanjani. Futhi akukaze, nakanye, kuke kwehluleke. Niyabo?

97 Lowo muntu uyangena futhi alinde, mhlawumbe kuyinto ethile empilweni yabo. Bayalazi isu lensindiso nezinto, kodwa kukhona okuthize abangazi ukuthi yini okumele bayisuse noma bayenze. Futhi balinda lapho izinyanga, belindele ukuthi kwenzeke. Niyabo?

98 Futhi ngangino—owesifazane owafika ngesinye isikhathi. Kwakungekho ekhaya, kwakusemhlanganweni. Nowesifazane...Ngangena ewodini lapho babenokuhlanya emabhantshini, futhi lokho kwaku...wangena lapho. Futhi babengeke baphumela ngaphandle emphakathini, babegqoke amajakhethi ampintshanayo, na—nabanye babo kwadingeka babe nabaqaphi phezu kwabo.

Kwase kuthi-ke, ngenkathi ngingena, owesifazane osemusha othandekayo wayehlezi lapho, intombazane enhle esencane, ngase ngithi, “Sawubona?”

Wathi, “Unjani? UnguMfowethu Branham na?”

Ngathi, “Nginguye.” Futhi ngathi, “Awu, angazi nje ukuthi ngiqale kuphi.”

Wathi, “Ngifisa sengathi ungaqala ngami.”

Futhi ngathi, “Wena?” Ngathi, “Ingabe uyisiguli na?”

Wathi, “Yebo, mnumzane.”

Ngathi, “Lokhu nje kungokwabahlanyayo.”

Wathi, “Yilokho engiyikho.” Ngathi...Wathi, “Ungayilalela indaba yami na?”

Futhi ngathi, “Impela, mem.”

99 Futhi lokho owesifazane angitshela khona! Osemncane, cishe oneminyaka engamashumi amabili nanhlanu ubudala, amashumi amabili-nambili noma amashumi amabili-nanhlanu, into efana naleyo ngiyakwehlulela, owesifazane omuhle kakhulu, futhi kwakubukeka sengathi kungenza noma iyiphi indoda ibe ethandekayo, indlovukazi encane enhle.

100 Futhi wangitshela ukuthi ngenkathi ekhuliswa ekhaya lamaKristu, futhi ngenkathi ekwenza waqala ukuhamba nomfana owayebhema futhi ephuza, futhi ngobunye ubusuku

kwafakwa isidakamizwa esiphuzweni sakhe, hhayi nje ngokuthile okumshaya kumlahle phansi, kodwa ngento angayenzanga . . . awu, yena . . . kwakuyinto ethize . . . isenzo sokuziphatha kabi. Wayecabanga ukuthi uzolahla impilo yakhe.

101 Uba ngohlulwa wuphuzo, uba ngunondidwa. Walandwa, futhi wathunyelwa eGood Shepherd's Home lapho eseneminyaka cishe eyishumi nanhlanu kuphela ubudala, Isikhungo samaKatolika, waguqula inkolo yakhe ukusuka kulokho ayeyikho wangena ebuKatolikeni. Wabuya waphuma, wacabanga ukuthi uzobakahle, wathi into efanayo yenzeka.

102 Khona-ke Wathathwa, wayekhula ngaleyonkathi, wathathwa futhi wachitha iminyaka emibili etilongweni lokuqondisa isimilo labesifazane. Futhi lapho babecabanga ukuthi babekulungise kahle konke ngaleyonkathi. Wathi lapho ephuma, wathi, into efanayo futhi yaqala phansi futhi.

103 Futhi ngathi, "Awu, manje, nenekazi, ku . . . uzama ukuphenya ikhasi elisha, lokho—lokho ngeke kusebenze." Futhi ngathi, "Kungase kuzwakale kuyisidala kodwa," ngathi, "Ngifuna ukukubuza okuthize." Ngathi, "Ungalinge ulindele ukushada, futhi owesifazane omuhle njengawe, futhi ube nomyeni, nezingane njenganoma yimuphi owesifazane ojwayelekile na?"

104 Wathi, "Yebo, kodwa ngubani emhlabeni ongangifuna na?" Futhi wathi, "Yini ebengingayithembisa indoda na?" Wathi, "Ngithola ukuthukuthela kalula," wathi, "ngiyo—ngiyolwa, futhi—futhi ngithuke inhlamba, futhi ngiphuze." Futhi wathi, "Ngiyadakwa futhi ngingabuyi ekhaya inyanga yonke." Wathi, "Indoda ibingafunani ngowesifazane onjengami na?"

105 Futhi ngathi, "Ubengeke. Kodwa," ngathi, "sewake wakucabanga ukuthi esikhundleni sokuthi kube yinto ethize nje ukuthi isikole, noma ukuphenya ikhasi elisha, noma okuthize okungakusiza, ukuthi ngudeveli na?"

Futhi wathi, "Mnu. Branham, bengihlala ngikukholwa lokho." Wathi, "Manje, bathi ngingumuntu oyihlongandlebe."

Ngathi, "Angikukholwa. Ngikholwa ukuthi udeveli ukubambile."

futhi wathi, "Bengilokhu ngikukholwa lokho."

Ngathi, "Manje, indlela kuphela yokususa udeveli isemkhulekweni." Futhi ngathi, "Manje, ake sehle futhi sikhuleke."

106 Futhi wakhuleka. Futhi wakhuleka lapho isikhashana, ngakhuleka naye, futhi wabheka emuva phezulu, wayesethi, "O, Mnu. Branham, ngi—ngikholwa ukuthi ngiyaphuma lapha, ngibe intombazane ehlukile."

107 Ngathi, "Qhabo. Uzophuma ngendlela efanayo ongene ngayo. Niyabo? Ukuthatha nje ngomqondo wengqondo." Ngathi, "Ufanele ungene emsebenzini, Dadewethu, noNkulunkulu."

108 Futhi sehlela lapho, futhi saqala ukukhuleka, emva kwesikhashana washaya Okuthize. Khona-ke waphenduka, nezinyembezi zehla ezihlathini ziphuma kulawomehlo amakhulu ansundu, wathi, "Mfowethu Branham, angeke ngiphinde ngikwenze lokho." O, wayesethole Okuthize ngaleyonkathi.

Ushadile manje futhi unabantwana ababili noma abathathu. Akakaze aphuze kusukela ngalolosuku, akakaze abheme, niyabo, kukhona okwenzekile.

109 Kodwa niyabo, kwaqala lapho eseyintombazane nje, isenzo esingalungile. Umfana omncane, mhlawumbe u-Elvis omncane wesimanje onesiphomoliya, futhi—futhi, phandle lapho, ecabanga ukuthi muhle kakhulu, noma into efana naleyo, futhi into yokuqala uyazi, uzitholela intombazane izongolozeleke kuye kanjalo, bese-ke enza iqhinga elinjalo, lowo nguJuda wesimanje. Kunjalo. Manje, wayengahlosile uku, kodwa kwaqala esengumntwana.

110 Isidakwa, ngihlangane nabaningi balabo abathi, "Mfowethu Branham . . . " phansi emigqeni eshelelayo nokunye nokunye.

111 Ngenkathi ngiseNew York esikhathini esingeside esedlule, angeke ngibe naso isikhathi sokukuxoxa, kodwa ukuthi ngamqukula kanjani odakiwe. Wayengumongameli webhange engangibuka kulo ukusuka lapho ayekhona, wathi, "Ngiyafika ekhaya ngobunye ubusuku, ngathola incwadi ethi 'John othandekayo', ngicabange ukuthi ngizokuphuza kusuke, nakhu la ngikhona. Unganginika uthubhobho nozuka ukuze ngiphuze na?" Futhi nakhu la ukhona, babengahlosile ukukwenza.

112 Umbhemi kasikilidi, lowo wesifazane owabhema usikilidi wakhe wokuqala, wayengaqondile ukuba yixhwala. Lowomfana, okokuqala ubhema lowogwayi omncane kasilika wokusanhlamvu, wawungaqondile, uba yisishisekeli sikasikilidi. Isiphuzo sokuqala esincane senhlaliswano osithathile, wawungaqondile ukuba yisidakwa. Niyabo, awungaqondile ukukwenza, kodwa kwaqala ngoba othile wakuthonya ukuba ukwenze. Yilokho-ke.

113 O, okwezindaba zaleminyaka engamashumi amathathu nanye emhlabeni jikelele, nanxazonke, nanxazonke, ukuzwa izivumo, nezinto, kungaphakamisa i—izinwele ekhanda lakho! Ukucabanga nge—ngezinto ukuthi, ukubezwa, bevuma lokho abakuqalile, ukuthi babemsulwa kanjani, nokuthi isono sibukeka sisihle kanjani, futhi sibukeka siheha kanjani, kodwa ku—kuyindlela yokufa, ungangeni kukho, noma yini oyenzayo. "Gwema khona kanye ukubonakala kobubi."

114 Umqambimanga, akakaze. . .wacabanga ukuthi uzoqamba amanga amancane kunina. Wahamba futhi wadla ikhofi, futhi—futhi wahamba waphephetha umoya wakhe ebusweni bukanina, "Niyabo, a—angizange—a—angikaze ngibheme, mama," kodwa uqambe amanga.

115 Ilambu elibomvu liyabanika, "Ungakwenzi *lokhu*, mfana omncane." Akulula ukuya esihogweni, ufanele uyilwe indlela yakho eya esihogweni. Ngaso sonke isikhathi uma wenza okungalungile, kuba nelambu elincane elibomvu eliqathakela kuwe, futhi ukubala ngokuhlehla kuyafika, "Mfana omncane, ungakwenzi *lokhu*." "Ntombazane encane, ungakwenzi *lokho*." Niyabo, kuyinto ethize eyenzeka kuwe, kodwa uyakulwa ngqo.

116 Udlula ngasesontweni, uzwe abantu becula amaculo eVangeli, ufuna ukungena ngempela, kodwa o, he, wokhela omunye usikilidi bese unikina ikhanda lakho. Uzama ukwenzani na? Ulwa indlela yakho ngqo kuso sonke isivimbezelo.

117 UNkulunkulu akakuthumeli esihogweni, uzithumela wena esihogweni. Uphula sonke isivimbezelo, ugijima onke amalambu abomvy uzama ukuzenza uye esihogweni. Bese-ke uthi uNkulunkulu muhle futhi angeke akuthumele esihogweni na? Uzithumela wena esihogweni. UNkulunkulu akathumeli muntu esihogweni, sadalelwa udeveli nezingelosi zakhe, hhayi wena. Kodwa nilwela indlela yenu ningene kuso ngqo, abesilisa nabesifazane bayakwenza.

118 Uyazibona lezozimanga zikaNkulunkulu, (Abanye abantu bazokwenza lokho.), futhi ngenxa nje yesayense yezenkolo, isivumokholo esithize sebandla noma okuthize, uzohamba uqhele futhi ugweme uNkulunkulu ekwamukeleni uMoya oNgcwele. Niyababona abantu ezansi e-altare bekhuleka, nibone labo besifazane besukuma, nabesilisa, nobuso babo bugezwe ngezinyembezi, futhi bekhala kakhulu, futhi behamba behla benyuka esakhiweni, abanye babangane benu bengaphandle behleka, wena uthi, "Uma lokho kungukuzalwa okusha, angifuni lutho olungihlanganisa nakho. Ibandla lethu likholelwa ekuzalweni ngokusha, futhi sivele sifake igama lethu encwadini." Uyakwesaba.

119 Ake ngikutshele lokhu: Angikhathali ukuthi hlobo luni lokuzala, kungamahliphihliphi, uma kusehhokweni lezingulube, noma egumbini lasesibhedlela, elihlotshiswe ngokubomvana, kungamahliphihliphi. Futhi ukuzalwa kabusha akungaphansi, kodwa kuthatha lokho ukuletha ukuPhila; ufanele ufe ukuze uzalwe ngokusha. Yiqiniso.

120 Qaphela ukuthi uNkulunkulu uxwayisa kanjani, "Ungaqambi amanga." Khona-ke njalo ngoNyaka oMusha uzokwenza isifungo, "Angeke ngiphinde ngikwenze." O, unezinhloso ezinhle. Impela. Isihogo sigandaywe ngalokho, ngezinhloso ezinhle. Awucabangi lokho. . .Ucabanga ukuthi

leyo yindlela yokukwenza, uvele ucabangele ukuthi yileyondlela ofanele ukwenze ngayo. Njalo ngoNyaka oMusha uthi nje, "Awu, ngizokwenza izifungo zami zoNyaka oMusha, ngizozibhala zonke," futhi ngaphambi kokuthi kuphele izinsuku ezimbili, usuvele wephule ingxenye yazo. Niyabo, ungeke ukwenze.

121 Lahla okwakho . . . iphakethe likasikilidi futhi ubuke lapho bewokhela; jikijela ibhodlela lakho ndawo ndawo futhi uqiniseke ukuthi awulephuli, libeke eshalofini bese uthi kunkosikazi, "Angeke ngisaphinde ngikwenze," yithi kumyeni, "Angeke ngisaphinda ngiphuze."

122 Kepha bheka ukuthi wenzani ngakho, ngoba ubuyela kukho ngqo futhi, njengengulube ekuzibhixeni kwayo nenja ebuhlanzweni bayo. Kufanele kuthathe okuthile okwehlukile; ufanele ufe esidalweni oyiso. Niyabo? Yebo, mnumzane.

123 Kuqala njengomntwana ongenacala, mhlawumbe ekhaya elihle lomKristu, kodwa kwakukhona umuntu owafika, umsheshengwana othile omncane owafika futhi wakusonta wakukhipha emgwaqeni olungile. Ungasiphawula isikhathi ngenkathi kuqala, ngenkathi uqala ukuqamba amanga, ngenkathi uqala ukweba, ngenkathi uqala ukuphuza, lapho uqala ukwenza noma yini eyayingalungile.

124 Ngaphambi kokuthi uze wamukele okungalungile, ufanele uphike okulungile. Ufanele uphike okulungile phambi kokuba wena . . . Ufanele uphike iQiniso likaNkulunkulu ngaphambi kokuba uze wemukele noma yini eyiphutha. Kunjalo impela. Qaphela. Manje, kokoNyaka oMusha, uyashintsha futhi wena uthi, "Manje, ku . . . Ngizophenya ikhasi elisha." Unezinhloso ezinhle. Impela. Ngikholwa wukuthi isizwe sinezinhloso ezinhle.

125 Sengicishe ngingakukhumbuli nje, njengomfanyana, cishe iminyaka emihlanu ubudala, ngenkathi kuqubuka iMpi yokuQala yoMhlaba. Ngiyazi ubaba wami wakhuphuka ngomgwaqo eshayela amahhashi amabili ngenqola enamasondo amane, futhi wayephethe isaka likabhontshisi nofulawa (wayeye esitolo segilosa), ehlezi e—esihlalweni. Futhi ngamuzwa, wehla enqoleni, uyangena.

Futhi umama wathi (ezansi le edolobheni, amamayela ngezansi), wathi, "Ngizwe zonke izimpempe zikhala."

126 Wathi, igama lakhe kwakungu-Ella, wathi, "Ella, sebemememezele impi." Futhi cishe wayeneminyaka engamashumi amabili nambili ubudala, wathi, "Uyazi ukuthi kusho ukuthini lokho na? Ngiyahamba."

Futhi ngalicosha lelosaka likabhontshisi, ngathi, "Bazolandela ubabayi wami, ngizobashaya ngalelisaka likabhontshisi." ngangi—ngangimncane kakhulu, kodwa mina . . .

127 Wathi, “Manje, bayasitshela, uma sizoya phesheya kwezilwandle futhi silwe lempi, azisoze zaba khona izimpi.” Futhi wathi, “Nangu uBilly, kungase adingeke ahambe ngolunye usuku; nango u-Edward, kungase adingeke ahambe; nango uMelvin, kungase adingeke ahambe.” Futhi wathi, “Uma ngihamba futhi ngisize ngokulwa futhi ngibathole, bakhululeke futhi,” wathi, “basitshela ukuthi angeke zisabakhona izimpi, futhi kuyoxazulula izimpi lapho benaleMpi yoMhlaba enkulu.”

Babenezinhloso ezinhle ngenkathi besho lokho, kodwa bayaphinda bafika futhi nenye. Yebo, mnumzane.

128 Bakha, abakubiza ngokuthi iNhlangano yeZizwe emva kwesikhashana, iphoyisa. Bathi, “Sinawo umqondo manje,” izinhloso ezinhle, “sineNhlangano yeZizwe, futhi ngenkathi sinayo, sizolawula ngokomthetho umhlaba wonke ngaleyo.” Awukwazi ukukwenza, kwavele kwawa khona lapho.

129 Bane U.N. manje. Abawufanele lokho umqulu okubhalwe ngakho. Kunjalo. Impela. Lapho bengeke bawemukele umkhuleko, futhi bathathe yonke enye indlela yokuphuma ngaphandle kwendlela kaNkulunkulu, awu, kungathatha isikhathi eside kangakanani—kangakanani na?

130 Banezinhloso ezinhle, kodwa azihlali isikhathi eside. Impela azihlali. Kuzowela emnyombweni wakho, futhi kungene emlandweni kuye othulini. Awu, uyabona ukuthi kukuphi njengamanje. Umhlaba wonke uyazamazama, futhi yini enhle eyenziwa yi-U.N. na? Yigama nje. Kunjalo.

131 Asikho isizwe esake senziwa ukuba sibuse esinye, uNkulunkulu wenza umuntu, futhi umuntu wenza izigqila. Asifanele sibe yizigqila, sifanele sibe abafowethu. Yilokho iVangeli elisifundisa khona, ukuba ngabafowethu.

132 Nakhu kufika ibandla nezinjongo ezinhle, bacabanga, “Sizokwenza i . . . lelihlelo elikhulukazi. Sizofundisa abashumayeli bethu, sizoba nabo bephucuzeke kakhulu nakho konke, futhi bazofunda abantu, futhi ngeke kusaba khona abantu abangafundile ezweni lethu.”

133 Futhi senzeni na? Sinesigejane sabahedeni abafundile, abangakholwa futhi, eZwini likaNkulunkulu. Konke lokho . . . Umuntu ubelokhu ezama ukuzuza okuthile ngokwakhe, kodwa akakaze akwazi ukukwenza. UNimrode wazama ukwenza umbhoshongo angagibela kuwo angene eZulwini, wawela othulini. UNebukadinesari wakha umuzi, ongenakufa, waPhakade, wacabanga, waya othulini.

134 AbaseMelika, banomona ngodadewabo, iNgilandi, bakha umkhumbi obizwa ngokuthi i-Titanic lowo “owawungenakucwila.” UNkulunkulu ngesandla saKhe esinamandla wabonisa umhlaba ukuthi ngeke ume.

135 I. . . I-France yayicabanga ukuthi ingaphila esonweni futhi yenze uMugqa iSiegfried. Kwasiza ngani na? AmaJalimane ahamba azungeza ngemuva kwawo futhi awuthatha.

136 AmaJalimane akha uMugqa iMaginot futhi athi, "Sinento ethize okungekho-muntu, ongena kuyo." Futhi abaseMelika awuqhumisa ngamabhomu. Kunjalo. Kukhombisa ukuthi ukuzuza ngempumelelo komuntu akulutho, ngoba ukhohlakele emicabangweni yakhe, futhi angeke ame. Kuyini konke na? Kukhona okuthize lapho okukhombisa ukuthi kukhona uMuzi waPhakade nokho. Kunjalo.

137 Abashadikazi abasebasha, lapho beshada, ngike ngaba nabo ekuvumeni, izikhathi eziningi ngibabambe emgqeni womkhuleko, futhi bathi, "Awu, uMfowethu Branham, uJohn nami sashada, sasizokwenza ikhaya, futhi kwakulungile, kwaze kwathi ngolunye usuku umqoqi womshwalense, noma u—noma umdayisi wezincwadi, uza emnyango, futhi—futhi wabuza ukuthi ngingangena yini nje. . . uma engangena imizuzu embalwa, ngavele ngamvumela. Futhi kusukela kuleso sikhathi," bona, "kwaqala lapho-ke.

Umuntu angathi, "Mfowethu Branham, nganginonkosikazi omuhle, ngi—nganginomdeni omuhle, futhi ngolunye usuku saqasha intombazane entsha yasehhovisi . . . "

"Ngangisezansi epaki, ngahlangana nenekazi elincane, laligqoke izikhindi, lakhuphukela kimi. Kusukela kuleso sikhathi." Niyabo?

138 Kukhona isikhathi lapho uqala khona. Yebo. Kwakunesikhathi lapho zonke lezizinto zaqala khona. Kwakukhona isikhathi lapho ukufa kwaqala khona, yilapho u-Eva, ehamba eshaywa umoya ngeliny'ilanga ezansi edabula ensimini yase-Edene, wahlangana noSathane. NoSathane. . . Ngenkathi uNkulunkulu wayeneBandla laKhe—laKhe . . .

139 Ngenkathi amadoda eya empini afundisisa izinto zo—zokulwa. Lapho beqala ukufaka isigqoko sesivikelo kulowo osanda kuqashwa empini, wacabanga ukuthi kwakuyinto embi kunazo zonke ake abanayo, nokuthwala ubhakha ongamaphawondi angamashumi ayisishiyagalolunye emhlane wakhe, kodwa ngenkathi ephumela lapho empini, wayedinga onke amathuluzi.

140 Lapho emgqokisa isigqoko sesivikelo, lokho kusho ukuthi wayezodingeka, abe nesidingo, lesosigqoko sesivikelo, ngoba kuzoba nezingcezu zezinhlamvu zikambayimbayi. Wayengakaze abe nazo ngaphambilini, kodwa wayefanele abe nakho ngaleyonkathi, ngoba kwakudingeka, babekufundisisile.

141 Unyaka ngamunye bafundisisa okuthile okwehlukile, bathole okuthile okukhulu, ngoba okudala kuba okungasenakusentshenziswa. Izindiza zethu ezinhle esasinazo ngempi yomhlaba yokugcina azisenamsebenzi,

zibiza izigidigidikazi zamadola. Injini yesitimu endala ayisenakusetshenziswa. Impela. Izibhamu esazisebenzisa, okokuqala i-Krag-Jørgensen endala, bese-ke kuba yi—yiSpringfield, bese-ke kuze kufike eGarand yesimanje, futhi manje umcibisholo ojikijelwayo we-athomu. Zonke azisenakusetshenziwa. Sizama ukuthola, siqhubeka nokuthola okuthile okungcono.

142 Kodwa ngenkathi uNkulunkulu eqala ukuqinisa umuntu wakhe, Wamnika iNto enhle kunazo zonke, futhi Akakaze aguquke, Umnika iZwi laKhe. Amen. Leyo yiNqaba yakhe: iZwi likaNkulunkulu eliPhakade.

143 Futhi lapho isitha sifika ngapho, izinhloli . . . Sinezinhloli zamaNgisi lapha, futhi—futhi sinezinhloli eNgilandi. Emhlabeni wonke sinezinhloli, futhi banezinhloli ezivela kuwo wonke umhlaba phakathi lapha. Bazama ukwenzani na? Ukuthola lokho esizame ukukuzuza.

144 Futhi udeveli usebenza ngendlela efanayo. Uyangena ukuzama ukuthola okuthize, lokho uNkulunkulu akwenzile, bese-ke ezama ukuthola okuthize ukukuphikisa. Kodwa uNkulunkulu akadingi neze ukuba aguqule abaKhe, ngoba Ubanika iZwi laKhe ekuqaleni. Akanasiphelo, Angeke aguquke. Futhi KuseyiZwi laKhe namuhla, akaguquki neze eZwini laKhe. Nango eZwini laKhe. IBandla laKhe liqiniswe ngeZwi. Umuntu wakhe wokuqala waqiniswa, u-Eva. Kodwa lapho ema umzuzu nje ukuze alalele amaqhinga kaSathane . . .

145 Ayini amaqhinga kaSathane na? Ukuzindla, "Kunengqondo nje . . . " Futhi lapho uzwa noma yini ezindla iphikisana neZwi, suka kuyo, ngudeveli. Angikhathali ukuthi kuyimfashini endala kangakanani, ukuthi kubukeka kuxakile kanjani, ngenkathi uNkulunkulu esho njalo, lokho kuyakuxazulula iPhakade. Suka kunoma yini ezindla iphikisane neZwi.

146 "O, kunengqondo, namuhla, asikudingi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, ngoba sinodokotela abakahle." Suka kulokho. "Ku . . . O, abaphostoli abayishumi nambili nje abemukela uMoya oNgcwele. Khona . . . "

Awu, kungani uPetru asho na? "Ngesenu, nasabantwana benu, labo abakude, bonke iNkosi uNkulunkulu wethu eyakubabiza."

Umfo wathi, "Kwakungokwasemuva *lapho*."

147 Ngathi, "Usuleyithi kakhulu, sengikutholile phansi *lapha*," ngakho—ngakho si—ngakho siyazi ukuthi kulungile. Niyabo? Noma yini ezindla iphikisane neZwi likaNkulunkulu . . . Wathi, "'Lezizibonakaliso ziyakubalandela, kholwayo.'" Kanjani na? "'Hambani niye ezweni lonke, nishumayele iVangeli kukho konke okudaliweyo. Okholwayo . . . '" ezweni lonke ngaso sonke isikhathi. '"Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.'"

148 Kude kangakanani na? Ngingakukhombisa lapho uNkulunkulu abeka khona ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu eBandleni. Manje, ngikhombise lapho Akukhipha khona ngeZwi. Niyabo? Izimangaliso nezibonakaliso, noMoya oNgcwele, UnguJesu ofanayo izolo, namuhla, naphakade. Impela.

149 Manje, siyaqaphela, uma—uma uSathane engake athole u-Eva azindle nje ukuthi leloZwi lali . . . Wathi, "Manje, ngempela ngeke ufe. O, impela, uNkulunkulu ushilo, lokho kunjalo impela, kodwa ngempela . . . "

150 Yileyonto yokuqala anqoba ngayo, futhi leyo yinto aseyiyo . . . washaya wawisa isintu ngayo, ukuzindla. Ubulala isintu ngokuzindla ngokuphikisana neZwi laKhe.

151 Futhi amakholiji amakhulu nezinto ziyavuka, futhi bahlanganisa izingqondo zabo futhi bazindle, nezinto ezinjalo. Angikhathali ukuthi zingaki izingqondo ekhona, "Onke amazwi omuntu mawabe amanga futhi akaNkulunkulu abe yiQiniso." Kulungile.

152 Qaphelani, uNkulunkulu usebenzelana nomuntu ngamunye. Futhi qaphela, kodwa ngaso sonke isikhathi kukhona into ethile: "Kusukela kuleso sikhathi."

153 Kusukela kuleso sikhathi u-Eva elalele ukuzindla kukaSathane, ukufa kwangena ezweni futhi kubusile kusukela lapho. Khumbula, ungakhohlwa yileyondawana ukuthi u-Eva . . .

154 Kwakukhona isikhathi lapho kwakungekho ukufa emhlabeni, kwakukhona isikhathi lapho abantu kwakungadingeki ukuthi bafe. Kodwa ngenxa yokuthi u-Eva wazindla, walalela ukuzindla ngokuphikisana kukaSathane ngeZwi likaNkulunkulu, ukufa kuqala ukubusa kusukela kuleso sikhathi kuqhubeke, futhi kusabusa nanamuhla.

155 Kodwa mangisho lokhu: Phambi kwakho konke, kukhona isikhathi, futhi into engenzeka engasoze yaguquka, ingePhakade. Kukhona into engenzeka empilweni yomuntu engasoze yaguquka, okungukuthi iPhakade, kulapho umuntu ehlangana khona noNkulunkulu. Lokho kuxazululwe Phakade, ngenkathi umuntu ehlangana noNkulunkulu, uzelwe ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, unokuPhila okuPhakade. Manje, siyakukholwa lokho ngenhliziyo yethu yonke.

156 Futhi khumbulani, ngenkathi leyondoda, isidalwa esingumuntu, noma lowowesifazane, lowomfana, noma leyontombazane, eke ahlangane noNkulunkulu futhi uguquliwe, akasafani, uguqukile kusukela kuleso sikhathi kuqhubeke. Kunjalo. Akasoze afana, akunandaba, angahle asuke kuNkulunkulu, kodwa uNkulunkulu akasoze asuka kuye. Nomaphi lapho uya khona, uyohlushwa imini nobusuku uma uke wahlangana noNkulunkulu, uze ubuye futhi. Kunjalo.

157 Umhlubuki uyimpilo edabukisa kakhulu ekhona, futhi ngakho, kuzokuhlupha imini nobusuku. Kukangaki sizwa izivumo zabo nezinto, kulusizi kanjani, kunosizi kanjani, konke lokho! Uma bakwenza, bayazi ukuthi bafanele bavune khona kanye lokho abakutshalile. Futhi khumbula, utshala uhlamvu olulodwa futhi uthole isikhwebu esigcwele zona. Niyabo? Ngakho siyazi ukuthi kuzoba nokuvuna okuyinqwaba ngalokho kutshala okwenzile. Futhi...Kodwa umuntu oke ahlangane noNkulunkulu akafani neze. Ake sithathe amadoda ambalwa manje, ngaphambi kokuba sifike endawaneni esifuna ukufika kuyo.

158 Ake sithathe, isibonelo nje, u-Abrahama. Wayengumuntu nje ojwayelekile. Wehla esuka e...eBabiloni kanye noyise, futhi wahlala...wayehlala ezweni lamaKaledi, emzini wase-Uri, cishe umlimi, indoda ejwayelekile. Wayengeyona indoda ekhethekile, wayengumuntu nje, futhi wathola umusa emehlweni kaNkulunkulu.

159 Futhi uNkulunkulu wamtshela, ngenkathi eseneminyaka engamashumi ayisikhombisa-nanhlanu ubudala, ukuthi Wayezomenza uyise wezizwe, nokuthi Wayezomnika umntwana ngomkakhe uSara, owayeneminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala ngalesosikhathi. Futhi u-Abrahama wamkholwa uNkulunkulu, futhi kwabalelwa kuye ukuthi kungukulunga.

160 U-Abrahama waguqulwa. Futhi bukani, lapho umuntu ehlangana noNkulunkulu...UNkulunkulu wabiza u-Abrahama, futhi Wamtshela ukuthi Wayefuna ukuba azehlukanise nazo zonke izihlobo zakhe ezingakholwa. Futhi lapho uNkulunkulu ebiza umuntu ukuba aMsebenzele, Uyakubiza ekubhujisweni ngokuphelele kuzo zonke izinto zezwe, nezono zezwe; ukwehlukana.

161 UNkulunkulu akazange ambusise u-Abrahama waze wamlalela ngokugcwele. Wathatha uyise, ikhehla lalihlala liwu—unwele esojeni, noma, ngiyaxolisa ngaleyonkulumo, kodwa wayehlale enephutha, futhi yena...kanye no-Abrahama... wayesethatha uLoti, futhi khona-ke ekugcineni wehlela ezansi lapho. Futhi emva kokuba uLoti ezehlukanisile, khona-ke uNkulunkulu wathi ku-Abrahama, "Vuka futhi uhambe udabule izwe, ngikunike lona lonke, lingelakho." Niyabo, Akazange ambusise ngokugcwele u-Abrahama waze walalela ngokugcwele.

162 Futhi awusoze wakwazi ukuthola lutho kuNkulunkulu, futhi ube nomusa kuNkulunkulu, bafowethu nodadewethu, noma ngabe nikuphi, size sililalele ngokugcwele iZwi likaNkulunkulu. Uzenza ube ngonosizi ngokusondela nje kuKho ngenhliziyo engaphelele. Yebo.

163 Kodwa ngenkathi u-Abrahama ehlangana noNkulunkulu, wayengumuntu oguqukile, wayenjalo kusukela ngalolosuku kuqhubeke. Waziphathisa ngokuthi akuxake, egijima ezungeza . . . Sengiyambona uSara, ehamba hamba cishe iminyaka engamashumi ayisithupha nanhlanu ubudala, wenza amabhuzwana amancane, futhi—futhi wathatha ingubo emagqabhagqabha, nenqwaba yophini, futhi wathi, "Awu, sizoba nengane."

Kwase kuthi-ke ngenkathi kufika isikhathi esijwayelekile sengiyamuzwa u-Abrahama ethi, "S'thandwa, uzizwa unjani na? Sekuthi akube yilesosikhathi."

"Akukho kwehluka."

"Udumo kuNkulunkulu, sizoba nengane noma kanjani."

Izinyanga ezimbili zedlula, "S'thandwa, kukhona okwehlukile na?"

"Qhabo, lutho akukho okwehlukile."

"Udumo kuNkulunkulu, kuyisimangaliso esikhulu kunasenyangeni edlule. Uzoba nengane noma kanjani."

Iminyaka emihlanu yadlula. "Uzizwa kanjani manje, s'thandwa na?"

"Akukho kwehluka."

"Haleluya! Sizoba nengane, kuyisimangaliso ngeminyaka emihlanu ngaphezulu. Udumo kuNkulunkulu."

Iminyaka engamashumi amabili nanhlanu yedlula. "Uzizwa kanjani, Sara na?"

"Akukho kwehluka."

"Udumo kuNkulunkulu, sizoba nayo noma kanjani."

"Wazi kanjani na?"

"UNkulunkulu washo njalo."

164 Wahlangana noNkulunkulu futhi wayengumuntu oguqukile, "Akazange antengantenge ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa; kodwa wayeqinile, edumisa uNkulunkulu."

165 Manje, sifanele sibe yiNzalo ka-Abrahama uma sinalolohlobo lokukholwa: Lokho uNkulunkulu akushoyo kuyiqiniso. Lapho umuntu ehlangana noNkulunkulu, njalo iZwi laKhe liyiqiniso. Uma umuntu ethi uyamkholwa uNkulunkulu, futhi aphike leliZwi, kukhona okungalungile, ngoba uMoya oNgcwele unguNkulunkulu, noMoya oNgcwele waloba iBhayibheli, futhi uMoya oNgcwele ubungaba kanjani *lapha*, futhi waloba iBhayibheli, bese-ke uphenduka, uLiphika na? Kukhona okungalungile ndawana thize.

166 Ngiyanitshela, isehlakalo sangoqobo sikaMoya oNgcwele sizogcizelela wonke umusho waleloBhayibheli ngo "Amen." Kunjalo. Kungakhathaleki ukuthi omunye umuntu uthini,

impela Kuzokwenza, ngoba NguMoya kaNkulunkulu, uMlobi weBhayibheli. Futhi uMoya—uMoya weZwi unguMoya oNgcwele, yilokho okuWuphilisayo, "Incwadi iyabulala, uMoya ukunika ukuPhila," niyabo, unikeza incwadi, i . . . incwadi nje ebhaliwe, ukuPhila, ukwenza kubonakaliswe, ukwenza kufezeke ncamashi lokho uNkulunkulu akwethembisa.

167 U-Abrahama wayeyindoda eguquliwe, enamandla, ngaso sonke isikhathi edumisa uNkulunkulu. Akunandaba ukuthi wenza okuningi kangakanani, akangabazanga esithembisweni sikaNkulunkulu ngokungakholwa. Ngani? Wahlangana noNkulunkulu, wayengumuntu oseguqukile.

168 Ngesinye isikhathi umprofethi obalekayo, kumqondo wakhe wokuhlakanipha walokho uNkulunkulu ayeyikho, azi ukuthi wayengumuntu obiziweyo, wayenakho konke . . . wayekwazi ngisho nokufundisa ukuhlakanipha kwa—kwaseGibhithe, futhi wayengafundisa othisha babo ukuhlakanipha, kodwa wabaleka, washada intombazane enhle encane engumTopiya, ehlala phandle lapho emva kogwadule, konke kuzinzile, umthwalo wabantu wawungasekho.

169 Yileyo indaba ngamabandla emhlabeni namuhla. Silahlekelwe umthwalo. Ayisekho imihlangano yemikhuleko. Ayisekho . . . Kubonakala sengathi ifile. Angithethi, ngenza nje isitatimende esiyiqiniso, bazalwane, futhi nonke niyakwazi lokho, niyakubona emabandleni enu. Thina . . . Kungukuthi, kukhona okwenzekile. Akusenantshisekelo nje, kukhona okungalungile, uMlilo usucimile. Ethempelini elidala lamaRoma laseVesta lapho umlilo ucisha, abantu baya ekhaya, ibhizinisi lase liphelile. O, kokhela iMililo futhi, uMlilo e-altare lenhliziyo yethu! Yebo. O, buyisela uNkulunkulu phakathi kwethu. "Buyisa uNkulunkulu," ukukhala kwethu.

170 Manje, uMose wayeselahlekelwe umthwalo wabantu bakhe. Wayehlulekile ngomqondo wakhe wokuhlakanipha weZwi. Futhi wayezulazula ngemuva kogwadule ngeliny'ilanga, futhi kwakukhona uMlilo esihlahleni. Lokho kuKhanya okwakumlandele kwakuse . . . okwakuzomlandela, kwakusehlathini. Wakhuphukela ohlangothini lwalelohlathi, wakhumula izicathulo zakhe, neZwi lathi, "Ngikubonile ukuhlupheka kwabantu baMi." KunoMuntu osakhathalele, lowo nguNkulunkulu.

171 Wathi, "Ngikubonile ukuhlupheka kwabantu bami, Ngikuzwile ukububula kwabo, izizathu zomcindezeli, futhi Ngiyehla. Ngiyasikhumbula isethembiso saMi." Haleluya! Angeke Enze isithembiso ngaphandle kokuthi Uyasikhumbula. Amen. Yena njalo, uNkulunkulu usikhumbula Phakade isethembiso saKhe. UNkulunkulu wenza isithembiso, uNkulunkulu usikhumbula njalo isithembiso saKhe. Wathi,

"Ngiyasikhumbula isithembiso saMi kubantu baMi, futhi Ngehlile ukubakhulula, futhi Ngiyakuthuma." Amen.

UMose wathi, "Ngingubani mina na?"

Wathi, "Uyahamba."

Wathi, "Kodwa angikwazi ukukhuluma."

Wathi, "Ngubani owenza umuntu abe yisimungulu noma akhulume na?" Amen. Ungazindli noNkulunkulu. Thatha nje iZwi laKhe.

Ake nginitshele, ngeliny'ilanga lapho, Wathi, "Impela Ngizoba nawe."

Wathi, "Ngikhombise inkazimulo yaKho."

Wamkhombisa ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu, wamkhombisa ukuthi senziwa kanjani isimangaliso. Wayeselungele ukuhamba. Yebo, mnumzane.

172 Manje, bukani ukuthi umehluko onjani: Ngolunye usuku isiqhwaga esehluliwe kwingemuva logwadule no—nomsebenzi wasekhaya wokuphakela izimvu zikayisezala. Futhi ngakusasa thina . . . Ngiyakutshela, lapho uhlangana noNkulunkulu, kwenza okuthize kuwe, kukwenza uziphathe ngokuhlanya ezweni. Mbuke ngosuku olulandelayo, wathatha umkakhe, uZipora, wamhlalisa wagxamalazela umnyuzi, nomncinyana enqulwini yakhe, nentshebe yakhe ilenga *kanje*, nempandla yakhe icwebezela, induku egwegwile esandleni sakhe, ubuhwanqa buphephezela, empongoloza, "Udumo kuNkulunkulu! Udumo kuNkulunkulu!" Indoda endala, iminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala.

"Uyaphi na?"

"Ngehlela eGibhithe ukuyolidla."

"Ini?"

"Ngehlela eGibhithe ukuyolida." Ukuhlasela komuntu oyedwa. Ngani? Wayehlangane noNkulunkulu. Futhi into eyisimanga yakho, wakwenza, walidla.

173 UNkulunkulu ufuna indoda eyodwa kuphela Angangena ngokuphelele ekulawuleni kwakhe okuphelele, kunjalo, indoda eyodwa ezozinikela ngokugcwele kuYe.

174 "Ngiyehla ngiyolidla." Into ewubuthutha kanje pho! Okufana nebutho, ngalezozinsuku, lalinqobe izwe lonke, ibutho elikhulu kunalelo elingaba yilo namuhla, njengokuyohlangana neRashiya. Wayephethe induku endala egwegwile esandleni sakhe.

"Uzokwenzani ngayo na?"

"Lenduku namandla kaNkulunkulu. Lapha ngiyahamba," ubuhwanqa buphephuka futhi . . . emuva naphambili, nendoda endala, eneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili ubudala.

175 Akakwenzanga ngani lapho eseyiqhawe elincane na? Niyabo, uNkulunkulu wadingeka ashaye akhiphe konke lokho kuhlakanipha kuye. Wadingeka amthathe amyise ngemuva kogwadule, futhi amsakaze phansi, amgxobe, ambuyise, futhi abonakale kuye, futhi amkhombise lokho Ayeyikho, futhi Yena wa-. . . Ngenkathi ehlangana noNkulunkulu wayengumuntu oguqukile. Kuthi ukwenza abantu namuhla benze into ehlekisayo futhi, lapho behlangana ngempela noNkulunkulu, kodwa bayazi lapho bemi khona.

176 Kungikhumbuza ngenkathi ngangivamise ukushaya uphawu amathole. Umama wayevamise ukuthi, ngenkathi ngangivamise ukugibela ngiyoqoqa, sasiwashaya uphawu amathole, wayeyothi, "O, Bill, ungakwenza kanjani . . . ?"

177 Ngangishisisa izinsimbi izikhathi eziningi, ngiphathe izinsimbi, ngangingenawo umuzwa, ngiyibeke phezu kwethole, kodwa yena . . . Wathi, "Ukwenzelani lokho . . . ?" Wathi—wathi, "Lokho kuyesabeka." Wathi, "Wenzani na?"

178 Ngathi, "Awu, sivele silibophe imilenze yomine, silimbambele phansi lapho, bese silithwansula ngensimbi yokubeka uphawu." Futhi ngathi, "Uvele ushise esikhumbeni salo ngqo, bese ufaka itiyela elincane kuso, bese ulikhulula." Ngithi, "Licishe impela libe nokugqabashiya, livele likhahlele, futhi limpongoloze, futhi libhonge, futhi liqhubeke." Kodwa, mfowethu, liyazi ukuthi lingelikabani kusukela lapho kuqhubeke. Kunjalo impela.

179 Kungaleyondlela ngoMoya oNgcwele. Uma uNkulunkulu engake akuthole isikhathi eside ngokwanele ukuba akubeke uphawu, haleluya, akubeke uphawu eMzimbeni kaKristu ngoMoya oNgcwele, uyazi ukuthi ungowakuphi.

180 Siphila osukwini olukhulu lokubhastelisa. Ngangifunda isiqeshana kwi-*Reader's Digest* esikhathini esingeside esidlule, lento ebhasteliwe. Ngangehla, ngakubona kwathi, "Ummbila obhasteliwe, ummbila omkhulukazi, izikhwebu ezinhle." Awulungile, awusho lutho, ungumonakalo kuwe. Inyama yenkomo ebhatseliwe, okubhasteliwe, yonke into ibhasteliwe, ibhasteliwe, ibhasteliwe. Ayilungile. Thatha ummbila wakho obhasteliwe, uzame ukuwutshala futhi, ubone ukuthi utholani. Awulungile.

181 Banenkolo ebhasteliwe ngisho namuhla, futhi. Kunjalo. Lelo yiqiniso. Bakuthatha ekuvumeni kwehlelo esikhundleni sesehlakalo sikaMoya oNgcwele, ukubhastelisa.

182 Kwenzani ukubhastela na? Kwenza isikhwebu esibukeka kangcono, kodwa akukho kuphila kuso. Yileyondlela, uma kwenza ibandla elibukeka lingcono, kodwa akukho kuPhila kulo, ukubhastela. Kunjalo.

183 Isayense iyayiphika eyabo uqobo, noma, ifakazela eyabo uqobo isayense yezenkolo, ukuthi umuntu wavela

engqamuzaneni elilodwa, ngokukwenza. Akakwazi ukuziqhubela phambili qobo lwakhe phezulu naphezulu, ngoba kwathi nje lapho eke wawela uhlobo lwakhe usephelile khona lapho.

184 Uthatha umnyuzi. Umnyuzi yinto engazi lutho kakhulu ekhona. Ngangihlale ngiwudabukela. Nanku umile. Futhi bukani, awazi ukuthi ubaba wawo, umama kwakungubani. Umama wawo kwakuyihhashi, kanti uyise kwayimbongolo yeduna. Ngakho awazi ukuthi wawungubani. Awazi noma uyihhashi noma uyimbongolo yeduna, awazi; uwuhlobo oluxutshanisiwe, angeke uphinde uzizale, usuphelile.

185 Cishe njengenye yalenkolo yomnyuzi esinayo namuhla. Umnyuzi u—uyinto ephansi kunazo zonke, uyohlala futhi usho *enye into*, kuwo kanjalo, futhi ukhipha izindlebe zawo futhi "Oo, oo, oo!" Niyabo? Awazi ngisho ukuthi yini . . . Akukho ubumnene kuwo, ungumnyuzi nje.

186 Futhi ungahlala futhi ukhulume ngezibonakaliso ezinkulu zikaNkulunkulu noMoya oNgcwele, lowo mnyuzi omdala uhlale lapho bese uthi, "Oo! Izinsuku zezimangaliso selwedlule. Ayikho into okuthiwa uMoya oNgcwele." Wena uxubanisa ukuhlakanipha! Angideleli, kodwa ngiyakutshela nje ukuthi kuyini. O, awazi ukuthi ubaba noma umama kwakungubani.

187 Kodwa, o, ngiyalithanda ihhashi langempela. O, limnene, ungalifundisa umqondo othile. Lokho . . . Ngiyamthanda umKristu wangempela, ozelwe ngokusha ngoMoya oNgcwele, hhayi lowo obeyiMethodisti izolo, iBaptisti ngosuku olulandelayo, nePresbyterian ngosuku olulandelayo, nenye into ethize ku*lolu*suku, njalo uma kukhona okungahambi kahle ebandleni. Kodwa owangoqobo ozelwe ngokusha nguMoya oNgcwele, uyazi ukuthi okhokho bakhe babengubani, uyazi ukuthi uBaba noMama wakhe babengubani, uyazi lapho evela khona; uzelwe nguMoya kaNkulunkulu. Haleluya! Ungakhanyisa iZwi likaNkulunkulu phezu kwakhe futhi ngokushesha uyalibona, yebo mnumzane, "Amen," uyasho. Manje, into enhle kangaka ayiyo, isifanekiso. Kodwa konke lokhu lapha ukubhastela! Yebo.

188 UMose, engumKristu wangempela manje, ikholwa, wehlela eGibhithe, waziphatha ngokuxakile, ngokuxakile kakhulu, kodwa uyazi ukuthi kwenzekani, ngoba kwakukhona isikhathi lapho ahlangana khona noNkulunkulu. Yebo, mnumzane.

189 Kwakukhona futhi isikhathi lapho . . . ngicabanga ngo—ngomunye umuntu owahlangana noNkulunkulu, kwakuyintombi encane. Yayinokuthile okwakumele ikukholwe, uMariya. Kwakungakaze kube nengane ezalwa emhlabeni ngaphandle kukababa nomama, siyakwazi lokho. Ngakho sithola ukuthi uMariya, intombi encane, esendleleni yakhe ehlela emthonjeni ngolunye usuku, ukuKhanya okukhulu

kwakhanya phambi kwakhe, wabuka, emi lapho ekuKhanyeni, futhi nakho kumi uGabriyeli, iNgelosi enkulu, yathi, "Yethi, Mariya. Ubusisiwe esifazaneni," futhi yamtshela khona impela nje okwakuzokwenzeka.

190 Ezinsukwini ezimbalwa ngaphambi kwalokho, wayehlangane nompristi, futhi. . . umyeni kamzala wakhe, uZakariya, futhi wayemi e-altare ezulisa impepho, futhi uGabriyeli wabonakala futhi wamtshela ukuthi wayeya ekhaya ukuba abe nomkakhe futhi abe nomntwana, futhi wayezobiza igama lakhe ngo "Johane."

Lowompristi wathi, "Kungenzeka kanjani lokhu na? Ngimdala kakhulu, angeke kwenzeke. Qhabo, angeke kwenzeke."

Wathi, "NginguGabriyeli, othunywe evela eBukhoneni bukaNkulunkulu. IZwi laMi liyogcwaliseka osukwini lwabo. Uzoba yisimungulu kuze kube ingane iyazalwa."

191 Kodwa nakhu kufika le ntombi nto encane. Manje, uZakariya wayeyoba ne—wayeyoba nenqwaba ye—yezibonelo, ngoba wayethole ukuthi kwakukhona uHana, wayebe nengane esemdala; uSara waba nengane esemdala. Izibonelo eziyinqwaba eBhayibhelini, kodwa noma kunjalo wayenenhliziyo elukhuni kukho. Kodwa uMariya kwadingeka akholwe into ethile engazange yenzeke, kodwa wayehlangane noNkulunkulu, wathi, "Kuyoba kanjani na?"

Wathi, "UMoya oNgcwele uzokusibekela. Futhi leyoNto ezozalwa kuwe, izobizwa ngeNdodana kaNkulunkulu."

Wathi, "Bheka incekukazi yeNkosi." Ini? Wayehlangane noNkulunkulu.

192 Akakwazanga ukuzibamba, ngiyacabanga wathatha lowojeke wabuyela endlini, futhi waphuma efakaza yonke indawo, nezihlathi zakhe ezincane zibhejile, ethi, "Ngizoba nengane. Ngizoba nengane," phezulu emagqumeni aseJudiya.

193 Wezwa ngomzala wakhe, u-Elizabethi, wayezoba nengane phezulu lapho. Futhi ngakho, sengiyabona. . . Uyazi, wayezigcine evalelekile manje isikhashana impela. Wayenezinyanga cishe eziyisithupha, no-Elizabethi. Kukhona umehluko wezinyanga eziyisithupha phakathi kukaJohane noJesu.

194 Futhi ngakho, wayezivalele cishe izinyanga eziyisithupha, wahlala phakathi, hhayi njengabanye balaba besifazane namuhla, uxolo, uzolalela udokotela wakho, futhi ngingumfowenu. Kodwa, niyabona laba besifazane abazoba omama phandle lapha begqoke lezizikhindi ezincane, futhi wha-. . .kuyihlazo esintwini. Qiniso, angikholwa ukuthi inja ingakwenza lokho. Futhi lapho, laba besifazane phandle lapha

benza kanjalo, yi—kuyinto edabukisa kakhulu engake ngayibona empilweni yami, into ewubuthutha kakhulu.

195 Bese kuthi-ke omunye umfana ebona amantombazane enu ephandle kanjalo, futhi khona-ke ake ewathuke, futhi khona-ke nifuna ukumthumela etilongweni elilungisa abonileyo. Uyimbangela yakho ngokumthumela phandle kanjalo.

196 Nani madoda nivumela umkakho aphume kanjalo, ngiyakudabukela! Kwenzenjani na? Awuna-nhlonipho ngomkakho kunalokho na? Manje, qhabo, angifuni ukungena kulokho. Qaphelani. Lokho kuyinto embi kimi. Qhabo. Ngilahlekelwa abangane abaningi kakhulu, kodwa ngiyazi ukuthi ngihlala ebunganini noKristu, ngoba kulotshiwe khona *lapha*. Kunjalo impela.

197 Futhi lapha, u-Elizabethi wayecashile. Futhi khona-ke ngenkathi uMariya omncane. . .Ngiyambona ekhuphuka ngendlela yezinyawo, kanzima njengoba wayengenza, niyazi. Futhi u-Elizabethi wayesemuva lapho enza amabhuzu amancane futhi ekhala, ngoba uJohane omncane, niyazi, waye—wayinezinyanga eziyisithupha, futhi wayefile, wayengakaze anyakaze esibelethweni nokho.

198 Nakhu kukhuphuka uMariya omncane, futhi uyagijima uyangena, futhi u-Elizabethi udonsa amakhethini efasiteleni elenziwe ngezitini phezulu lapho futhi ubona uMariya eza, ngakho, babengomzala, wagijima ukuyomhlangabeza, wamgaxa, wayesethi, "O, S'thandwa, ngiyajabula kakhulu ukukubona."

"O, ngiyabona, kusobala, uzokuba ngumama."

199 "Yebo, ngizoba ngumama." Wathi, "Kodwa ngi—ngiyesaba kancane," wathi, "sekuyizinyanga eziyisithupha ngingumama, futhi akukabi nakuphila namanje, futhi ngikhathazekile kancane."

UMariya, namehlo akhe amancane acwebezelayo, intombazanyana eneminyaka eyishumi nesithupha noma eyishumi nesishiyagalombili ubudala, wathi, "Nami ngizoba neNgane."

"O, wena noJosefa senishadile kakade na? Ngiyajabula ukukuzwa."

"O, asikashadi, sisathembisene, asikashadi okwamanje."

"Futhi uzoba neNgane na? Kwenzenjani na? Kuthiwani ngalokhu na?"

200 Wathi, "Yebo, ngahlangana noGabriyeli, iNgelosi. Ngahlangana noNkulunkulu. Futhi wangitshela ukuthi leNto engcwele izobizwa ngokuthi iNdodana kaNkulunkulu, futhi wathi ngifanele ngibize iGama laKhe ngo 'Jesu.'"

201 Futhi kwathi nje, okokuqala leloGama *Jesu Kristu* lake lakhulunywa ngodebe olufayo, ingane encane esibelethweni sika—ka-Elizabethi iyaphila, futhi yaqala ukutshakadula nokugxuma ngokujabula. Kunjalo. Futhi ukukholwa kwakhe. . . Wathi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, futhi wathi, "Uvelaphi nina weNkosi yami na? Ngoba kuthe ukubingelela kwakho kungangena ezindlebeni zami, ingane yami igxumagxumile esibelethweni ngokujabula."

202 Futhi uma i—uma okokuqala u*Jesu Kristu* ukuba ake akhulunywe ngodebe olufayo kwenza ingane efile iphile, bekufanele kwenzeni ngebandla elizisho ukuthi lizelwe ngokusha ngoMoya oNgcwele na? Amen, e. . . Ngani? Bahlangana noNkulunkulu, kukhona okwakwenzekile.

203 O, impela, kwakuyilowo Simoni Petru, lowomuntu wayefundiswe nguyise ukuthi nxa uMesiya efika, Uzokuba ngumprofethi. Futhi uSimoni wayengumdobi, kodwa ngeliny'ilanga, ngenkathi engena eBukhoneni bukaJesu Kristu, futhi Wathi, "Igama lakho unguSimoni, futhi uyindodana kaJona, futhi ngizokubiza ngokuthi uPetru kusukela manje kuqhubeke," wazi ukuthi Lowo kwakunguMesiya, wayengumuntu oseguqukile kusukela ngalolosuku kuqhubeke, wayezobamba abantu esikhundleni sezinhlanzi, umenza abadobi babantu, ngoba wayehlangane noNkulunkulu, wakuqonda ukuthi kuyiqiniso; wahlangana naYe.

204 KwakunguPawulu, uSawulu waseTarsu, owayesendleleni yakhe ezansi, okobufundisi, efundiswe ngaphansi kukaGamaliyeli, umfundisi omkhulu, wayekwazi konke ukuphuma nokungena kwenkolo yabaFarisi, kanjalonjalo, wayesendleleni yakhe eyehlayo, ebopha bonke labobagingqiki abangcwele ababeqhuba kanjalo, wayenamaphepha ephakatheni lakhe ukuba abophe bonke labo owayesezansi eDamaseku.

205 Futhi khona manjalo iNsika yoMlilo enkulu yashwibeka imzungezile, futhi wawela ezinyaweni zakhe. O, wasukuma engumuntu ohlukile. Ngani? Wayehlangane noNkulunkulu. Kukhona okwakumguqulile khona lapho, ngenkathi eMuzwa ethi, "Sawulu, Sawulu, uNgizingelelani na?"

Wathi, "UnguBani, Nkosi na?"

Wathi, "NginguJesu, futhi kunzima kuwe ukukhahlela ezinkandini."

206 Kwakukhona indoda eyimpumputhe ngolunye usuku, ihlezi eceleni komgwaqo inxiba, kodwa yahlangana noNkulunkulu. Yayihlezi lapho icabanga ngokuthi. . . Lapho uBartimewu oyimpumputhe omdala wayehlezi, wayecabanga, ezansi lapho emfuleni eminyakeni engamakhulu amaningana edlule, uJoshuwa, leloqhawe elikhulu, wawela no-Israyeli lapho emhlabathini owomileyo ngenyanga ka-Aphreli, ngenkathi

uNkulunkulu ethatha isandla saKhe esinamandla futhi ephakamisela amanzi phezulu, "O, ukuba nje kuphela bengingaphila kuleso sikhathi, bengiyohamba ngehlele lapho, futhi ngathi, 'Joshuwa, ngikhulekele.' Kodwa maye, umpristi ungitshela ukuthi izinsuku zezimangaliso selwedlule.

207 "O, cabanga nje, phansi ngqo ngalomgwaqo, lembokojwana yokugandaya umgwaqo lapho engikhona, nakho kufika u-Eliya no-Elisha, begaxene ngengalo, behla beya eJordani ukuyohlanza iJordani. Ukuba nje bengihlala lapha ngalolosuku, bengiyophuma ngase ngithi, 'Baprofethi beNkosi uNkulunkulu, ngikhulekeleni.' Kodwa maye, izinsuku zezimangaliso selwedlule, kusho umfundisi.

208 "Futhi cabangani, ngenkathi uJoshuwa elungiselela ukukanisa, noma, ukuhaqa lezizindonga ezizungeze iJerusalema, kwelinye lamatshe engihlezi kuwo manje . . . Ngolunye usuku lapho ephumile eqalaza, ebuka izindonga nxazonke, ngani nakhu kuza . . . Uyibonile iNdoda imile inenkemba yaYo ihoshiwe. UJoshuwa, iqhawe, ujenene omkhulu, wahosha inkemba yakhe, wagijimela kuYo, wayesethi, 'Ingabe Unathi na? Ingabe Ukanye nesitha na?'

"Wathi, 'NgiyiNduna yesixuku seNkosi.' UJoshuwa waphonsa phansi inkemba yakhe, wakhumula isigqoko sakhe sesivikelo, futhi wakhuleka ezinyaweni zaYo.

209 "O, ukube kuphela bengingabona leyoNduna enkulu, bengiyothi, 'Nduna enkulu yesixuku seNkosi, ngiyimpumputhe, ngihawukele.' O, Yayizokwenza kanjani lokho ukuba kwakukade . . . Kodwa maye, izinsuku zezimangaliso selwedlule."

210 Wayazi kancane kangakanani ukuthi, kungesiwo amayadi ayikhulu ukusuka kuye, kwakumi leyoNduna enkulu yesixuku seNkosi, ngokuba Unguye izolo, namuhla, naphakade. Wezwa umsindo. Into eyinqaba, yonke indawo Akuyo, kunomsindo oqhubekayo.

211 Abantu bathi, "Ubanga umsindo omningi." Lena yindawo ethule kunazo zonke oyoke uhlale kuyo. Uma uya eZulwini, ngisho iziNgelosi zicula imini nobusuku, "Ingcwele, ingcwele, ingcwele, kuyo iNkosi." Uma uya esihogweni, ukukhala izinyembezi, nokulila, nokugedla amazinyo; lena indawo ethule kunazo zonke oyoke uhlale kuyo.

Futhi lapho, ngenkathi uJesu edlula, omunye wamsunduzela phansi kanjalonjalo, futhi wagijimela kuye, Wadlula.

212 Futhi sengiyayizwa inhlangano yabefundisi, bonke bemi phandle lapho, bathi, "Hheyi, bangitshela ukuthi ungumprofethi. Bathi uvuse umuntu ofile, sinamathuna agcwele bona phezulu lapha. Woza usivusele eyodwa, sizokukholwa." Niyabo, uNkulunkulu akadlali namuntu. Qhabo, qhabo. Wayengaba nakho, kodwa ikhanda laKhe eliyigugu lalibheke

eJerusalema naseKalvari, ethwele izono zezwe, Waqhubeka wahamba, isithelo esivuthwe ngokweqile sijikijelwa kuYe nakho konke okunye.

Futhi omunye wamphushela ngaphandle ngqo. Ngicabanga ukuthi kwakuyinenekazi likhuphuka, lathi, "Mnumzane, yini inkinga na?"

213 Esimpofu, isinxibi esimanikiniki, sathi, "Nenekazi, ngiyimpumputhe. Futhi bekukhona Umuntu osanda kudlula lapha, futhi babememeza kakhulu into ethile nenye. Kwakuyini na?"

"Mnumzane, ngingomunye wabafundi baKhe. Awukaze uzwe ngomProfethi osemncane waseGalile na?"

"Qhabo. Muphi yena umProfethi osemncane na?"

214 "Awu, uyazi ukuthi umthetho wakithi uthembisa ukuthi lapho. . . kuyofika, ngeliny'ilanga, uMesiya, futhi iNdodana kaDavide iyeza na? Futhi lapho Ifika, niyazi, umProfethi omkhulu. . . "

215 "O, ingabe yiYo leyo na? YiYo leyo na?" Wase-ke esukuma (Yayingeke imuzwe nawo wonke lowomsindo, izinkulungwane. Futhi uma uya lapho eJeriko futhi ubone lapho ayehlezi khona, nalapho uJesu ayekhona ngenkathi Ema, akunakwenzeka kuYe ukuba amuzwe, kepha ukukholwa kwakhe kwaMmisa.) "O Jesu, Wena Ndodana kaDavide, ngihawukele."

Nakho konke ukumemeza kakhulu into eyodwa, nenye. Oyedwa, "Yethi mProfethi! Yethi Ndodana kaNkulunkulu!"

Futhi omunye wathi, "Akasuke umkhohlisi, uBelzebule, umbhuli," nokunye nokunye, sonke lesosixuku esixubile.

216 Kodwa ukukholwa kwakhe! Futhi iBhayibheli lathi, "UJesu wama wathula." O, ngethemba ukushumayela ngaphambi kokuba ngihambe lapha ngokuthi *UJesu Wama Wathula*. O, he! Ngelinye ilanga isikhathi siyoma singanyakazi. Futhi Wama wathula, ukukholwa kwakhe kwaMthinta, isinxibi esisodwa esidala esiyimpumputhe. Waphenduka, futhi Wabuza, wacela lokho ayekufuna. Futhi wathi, "Ukuze ngithole ukubona kwami."

Wathi, "Ukukholwa kwakho kukusindisile." Haleluya! Kusukela kuleso sikhathi kuqhubeke wayesebona. Ngani na? Wahlangana noNkulunkulu.

217 Kwakukhona uhlanya, ngoluny'usuku, enhla eGadara, olwaluzisika, futhi babelubopha ngamaketanga, futhi amandla alo ephindeke kashumi kumuntu ojwayelekile lwalungagqabula amandla alawo amaketanga. Bengihlale ngicabanga, uma wayephelele kakhulu ngaphansi kokuthonya kukadeveli. . . Lapho udeveli ebamba umuntu, ohlanyayo, kuthatha amadoda namadoda ukumbamba. Uyawagqabula lawo maketango, ezinikele ngokuphelele kudeveli. Uma

engagqabula amaketango, singawagqabula kangakanani thina, ngokuzinikela ngokuphelele kuNkulunkulu? Makhulu kangakanani amandla kaNkulunkulu kunakadeveli na?

218 Futhi wayelapho-ke, loluhlanya olumpofu, futhi lwaluhlala luphandle lapho emathuneni, luzisika ngamatshe, futhi luhlasela wonke umuntu. Kodwa ngolunye usuku lwahlangana noNkulunkulu, izinto zalushintshela. Ngemva kwalokho lwembathiswa, emqondweni walo okahle. Ngani na? Lwaluhlangane noNkulunkulu.

219 Onochoko wema ngasesangweni enxiba. Ngelinye ilanga kwadlula uJesu waseNazaretha, futhi wathi, "Uma Uthanda, Ungangihlambulula."

Wathi, "Ngiyathanda; hlambuluka." Futhi kusukela lapho kuqhubeke wayesehlanzekile.

220 Kukhona owesifazane omdadlana oziphethe kabi, njengoba sikhulume ngaye izolo ebusuku, wathi nyelele waphumela esangweni, phandle ngapheseya kwesango, futhi waphumela emthonjeni womuzi ukuyokha amanzi ngelinye ilanga. Phansi emphefumulweni wakhe kwakubekwe u—umBhalo ukuthi lapho lowoMesiya efika eba yilokho Ayeyoba yikho. Futhi wayeyisifebe, wayengowesifazane omubi kakhulu. Wayekade enamadoda, futhi ehlala neyodwa ngaleyonkathi, engayiganile, ngakho niyazi ukuthi wayengowesifazane onedumo olubi. Futhi lapho ebona uJesu futhi emuzwa ethi, "Hamba ulande indoda yakho."

Wathi, "Anginayo."

Wathi, "Usho kahle. Ngokuba ubunabayisihlanu; nale ohlala nayo manje akusiyo eyakho."

Wathi, "Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi. Futhi siyazi lapho uMesiya efika Uzositshela lezizinto."

Wathini na? Wathi, "NginguYe okhuluma nawe."

221 Wayengowesifazane oguqukile. Bheka, lapho engena emzini . . . Kuyinkambo engalungile ukuba owesifazane walolohlobo . . . noma indoda imlalele, kodwa wayehlangane noNkulunkulu, kukhona okwakufanele kumlalele. Kunjalo. Wayehlangane noNkulunkulu, into ethize yayifanele ilalele.

222 Lapho umuntu ngempela ehlangana noNkulunkulu . . . Ngicabanga ukuthi besingabona abanye balabobantu lapha ubekulezi zinhlaka izolo ebusuku, nesihlalo esinamasondo, behlezi ngalapha, babuze namhlanje, bahlangana noNkulunkulu, bazoguqulwa kusukela kuleso sikhathi kuqhubeke, kukhona okwenzekile. Kusukela kuleso sikhathi uNkulunkulu ekhuluma ngaso, kukhona okwenzekayo. Noma yini ehlangana noNkulunkulu, kusukela lapho kuya phambili isiguqukile.

223 Manje umzuzu. Ukufa kuhlangana naYe ngesinye isikhathi. Kunjalo. Manje, siyavala. Ukufa kwahlangana naYe. Niyazi, udeveli akazange akholwe ukuthi lowo kwakunguNkulunkulu. Wayehlala ecabanga ukuthi Kwakungomunye, nje, umprofethi ojwayelekile. Kodwa akaqondanga ukuthi Kwakuyini, wayengazi ukuthi lowo kwakungu-Emanuweli, ukuthi Leyo kwakuyinyama nomzimba kaNkulunkulu, ukuthi Wayenziwe inyama futhi wakha phakathi kwethu.

224 Ngenkathi Wayenaye phezulu entabeni ngalolosuku, wathi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, phendula lawamatshe abe yizinkwa." Niyabo, lowodeveli omdala ofanayo usaphila nanamuhla.

225 BabenaYe ezansi lapho egcekeni ngalesosikhathi, babazi ukuthi Wayekwazi ukubona imicabango yabantu, ngakho bamboza ubuso baKhe ngendwangu, bathatha induku, baMshaya ekhanda, bathi, "Manje, uma ungumprofethi sitshele ukuthi ubani okushayile." Akazange awuvule umlomo waKhe; Akadlali nodeveli.

Phezulu esiphambanweni, wathi, "Uma uyiNdodana kaNkulunkulu, yehla futhi sizokukholwa."

Lowo develi ofanayo omdala uhlala kubantu namuhla, into efanayo, "Uma wenza, ake ngikubone wenza *lokhu*. Ake ngikubone wenza *lokho*."

Wathi, "Ngenza kuphela lokho uBaba aNgibonisa khona."

226 Ngakho ngeliny'ilanga ngenkathi babenaYe . . . Ake sithathe umdlalo wasesiteji omncane njengoba sivala. Usuku olwesabekayo, ilanga libukeka lixakile, alukaze lube khona usuku olunjalo, alusoze lwabakhona. O, yinto embi kabi! Isikweletu sase-Edene kufanele sikhokhwe. Usuku olubi kabi! Futhi siqala ukuqaphela ekuseni kakhulu, simi esitezi, ngizwa umsindo. Asihambe siphakamise umpheme sibuke. Okwehla ngomgwaqo ngizwa okuthile kuthi, "Gudlu, gudlu, gudlu." Kuyini na? Yisiphambano esidala esimahliphihliphi.

227 Ngibona owesifazane omncane egijima phambi kwabo, ethi, "Wenzeni na? Wenzeni ngaphandle kokushumayela iVangeli na? Wenzeni ngaphandle kokuphulukisa abagulayo na?"

Ngibona isandla esimahhadlahhadla simmukula emlonyeni sithi, "Hlalani phansi. Nina bantu ningamkholwa lowo wesifazane, isifebe, ngaphambi kokuba nikholwe umpristi wenu na?"

Wayengakwazi ukukhuluma ngokuthula. Isikhathi sakhe sasifanele sizele okunye okuthize, isiphambano sihuduleka phezulu.

228 Wayenengubo ende emahlombe aKhe, lapho Eqala ekhuphuka igquma, ngiqaphela amachashaza amancanyanyana abomvu kulolonke ibhantshi laKhe. Ngiyazibuza ukuthi ayini.

Umzimba wakhe omncane obuthakathaka, umqhele wameva ekhanda laKhe, isikhwehlela sokubhuqa silenga ebusweni baKhe bonke, wenzeni ukuze Afanelwe yilokho na? Leyo yinhlawulo Ayikhokhelela mina, nawe.

229 Buka lawomabala amancane, ake siwabuke umzuzu. Njengoba Ehuduleka eqhubeka phezulu, umzimba waKhe omncane untengentenge, futhi bona beMbhaxabula, futhi beMenza aqhubeke, futhi Udonsa lesisiphambano esikhulu esidala ngaphesheya kwegquma. Emva kwesikhashana ngiqaphela onke lamabadlana amancanyana aqala ukuba makhudlwana, makhudlwana, emva kwesikhashana onke agijimela kwelilodwa ibala elikhulu kakhulu, ngiyalizwa lichaphakela emlenzeni waKhe. Uyehla. Uya ngokuba buthakathaka eba buthakatha.

Ngibona yonke into. Abafundi baKhe sebehambile, ubani omi ngakuYe na? Akukho-muntu, ushiywe nguNkulunkulu nomuntu. Nangu Ekhuphuka egqumeni.

230 Khona-ke ngibona ukufa kukhuphuka futhi kuthi, “E-hhe. NgiMtholile. Ngifakazisile ukuthi Akayena uNkulunkulu. NgaMlinga. Ngakhipha lapho. . . Ukuba UbenguNkulunkulu, Ubezowaphendula lawomatshe abe isinkwa. Ubengama kanjani lapho, kulelogceke, ayekele lawomasosha amkhafulele ebusweni baKhe, futhi amboze ubuso baKhe ngendwangu, futhi aMtshele ukuthi akasho ukuthi ubani oMshayile na? Ngani, ukuba UbenguNkulunkulu, Ubezokwazi lokho. Ngiyazi ukuthi akayena uNkulunkulu.” Akazange akukholwe.

231 Futhi njengoba Enyuka egqumeni, ngibona leyonyosi yokufa iphuma, ihamba ibhuza ngakuYe, iMtinyela. . . ukuba iMtinyele, ibubuza iMzungeza. Into yokuqala niyazi, iqala ukumangala. Kwakuyini na? Ukufa kwakuza, okububuzayo, njengesinambuzane, inyosi.

232 Kodwa niyazi ukuthini? Uma inyosi ike yalugxilisa udosi lwayo ekujuleni, ikhipha udosi lwayo. Angeke isakwazi ukutinyela. Yayikade iligxilisile kumprofethi abaningi, wayikade ilugxilise endodeni amaningi alungile, kodwa ngalesosikhathi, lapho ilugxilisa kuNkulunkulu, yakhipha udosi lwayo. Ukufa kwalahlekelwa udosi lwakho.

233 Akumangalisi omunye efika kamuva, wathi, “O kufa, luphi udosi lwakho na? Thuna, kuphi ukunqoba kwakho na? Makabongwe uNkulunkulu. . . ” Lapho egxilisa lolodosi lokufa emzimbeni ka-Emanuweli, kwakhipha udosi.

234 Futhi namuhla singahamba ebusweni bokufa, futhi inyosi ingabhuza futhi yenze umsindo, kodwa ayisoze yasethusa. Qhabo, mnumzane. Ayinalo udosi, udosi alusekho. Ngani na? Ukufa kuhlangane noNkulunkulu. Futhi ngenkathi kuhlangane noNkulunkulu, kwakhipha udosi ekufeni. Ngiyajabula ukuhlangana naYe. Anijabuli na? Asikhuleke.

235 Baba waseZulwini, uma ngicabanga ngaleloGazi lithululeka liphuma emithanjeni ka-Emanuweli, isiphambano esidala esimahliphihliphi siphuma emilobweni yezinyawo zomthwali lapho Sikhuphukela eKalvari . . . USathane, ebona leso esidala sokubhuqa, isikhwehlela esiyisigaxa silenga ebusweni baKhe, wathi, "Lowo angeke kube nguNkulunkulu, Lowo angeke kube u-Emanuweli, ngakho ngizonamathelisa udosi lwami kuYe. Ngizoba naYe maduze nje."

236 Kodwa o, walahlekelwa kanjani-ke! Lapho udosi lokufa luthintana noNkulunkulu, lwalahlekelwa udosi lwalo. Ngijabula kakhulu namuhla, Nkosi, ngazi futhi, ukuthi ngifanele ngehlele kulowomgwaqo, kodwa ukufa kuzolahleka . . . kwase kuvele kulahlekelwe udosi lwakho.

237 Ngikhululekile kulobubusuku. Haleluya! Ngijabula kakhulu ukuthi ngikhululekile. Udosi lokufa alusekho. Ukufa kungeza futhi kubhuze, kungeza futhi kungisongele, kungeza ukuba kungidonse kungisuse, kodwa njengoba omunye umbhali athi, "UNkulunkulu walibopha ngamahhanisi ekalishaneni, kungangidonsela kuphela eBukhoneni baKhe lapho engilangazelela ukuba khona," lapho lonke ikholwa lifisa ukuba khona.

Ngakho ukufa akunalo udosi, kuba ukunqoba, "Makabongwe uNkulunkulu, Osinika ukunqoba ngoJesu Kristu."

238 Sisakhothamise amakhanda ethu, wonke umuntu emkhulekweni, bangaki phakathi lapha o . . . uyazi ukube ubufa kulobubusuku ukuthi awukaze uhlangane noNkulunkulu kakhulu impela uze ukuba ubungathatha lonke iZwi ngokuba yiZwi laKhe, nokuthi ulalela lonke iZwi, futhi uyazi ukuthi uma wenza okungalungile, uyazi ukuthi ukufa bekuyoba nodosi kuwe, ngoba ungazibuza ukuthi ngabe ngempela uzosindiswa noma qhabo na?

239 Angizukunibizela phezulu, e-altare, ngizonibuza nje lapho enikhona. Uma nithanda, futhi kholwani, kulobubusuku, ukuthi uNkulunkulu uzosusa lolodosi lokufa kini, ngoJesu Kristu, futhi nifuna ukukwamukela ngaleyondlela, phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngifuna ukuhlangana noNkulunkulu."

240 UNkulunkulu akubusise emuva lapho, Mfanyana. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, phezulu kuvulandi osesitezi. UNkulunkulu akubusise lapha ezansi. Phezulu kovulandi abasesitezi? UNkulunkulu akubusise, Nsizwa. UNkulunkulu akubusise emuva lapho. Uyazibona izandla zakho. Wonke umuntu ekhuleka. Lokho ukubizela e-altare. UNkulunkulu akubusise, ohlezi lapha, Mnumzane. Kungenzeka ukuthi wenze izinto eziningi ezinhle empilweni, kodwa leyo yinto enkulu kunazo zonke owake wayenza.

241 Khumbula, ngenkathi uphakamisa isandla sakho wephule yonke imithetho yesayense. Isayense ithi amandla adonsela phansi afanele abambe isandla sakho phansi, kodwa uphakamise isandla sakho, ukhombisa ukuthi kunamandla kuwe okwenza isinqumo. Nokuthi ukwenzile, waphakamisa isandla sakho, kusho lokho ngokusuka enhliziyweni yakho, futhi kukhona okuzokwenzeka.

242 Omunye phakamisa isandla sakho, uthi, "Ngikhumbule." UNkulunkulu akubusise, Dadewethu. UNkulunkulu akubusise, Dadewethu. UNkulunkulu akubusise, Mfowethu. UNkulunkulu akubusise. Kuhle lokho. Phezulu kuvulandi osesitezi futhi, asikhuphukele le lapho. Bangaki phezulu lapho na? O, mphefumulo, ilungu lebandla elingamazi uNkulunkulu... UNkulunkulu akubusise, ndoda encane phandle lapha ngaphambili.

243 Omunye na? Phakamisa isandla sakho, uthi, "O, konke engikwaziyo, ngiyasonta. Konke engikwaziyo, ngimemezile. Konke engikwaziyo, ngakhuluma ngezilimi." O, mfowethu, ngizwile odeveli besina emoyeni, futhi bekhuluma ngezilimi, futhi bamemeze, nalokho—lokho akwenzi... "Niyakubazi ngezithelo zabo." Impela.

244 Imvula inela ukolo nokhula ndawonye. Impela. Kokubili kuyajabula emvuleni, kunjalo, ikwenza kokubili kujabule. Futhi iwela ngqo esixukwini kumzenzisi nakumKristu, futhi. Kodwa uma impilo yakho ingenyuki neBhayibheli likaNkulunkulu, khona-ke kungcono uphakamise isandla sakho futhi uthi, "Nkulunkulu, yiba nomusa kimi, futhi ngenze ngibe yilokho engifanele ngibe yikho. Umusa waKhe ungangenza ngibe yilokho engifanele ngibe yikho." UNkulunkulu akubusise, Nsizwa. UNkulunkulu akubusise, Nenekazi. Kuhle lokho. UNkulunkulu akubusise.

245 Angifuni ukulimaza umuzwa wenu, kodwa ningakwenza kanjani nina besifazane nihlale lapha futhi nazi ukuthi iBhayibheli liyanitshela ukuthi akulungile ukuba ngisho nigunde izinwele zenu, ukuthi uhlazisa indoda yakho ngenkathi ukwenza na? Uzifakazela qobo lwakho njengowesifazane wasemgwaqeni uma wenza into enjalo. Futhi ngenxa yeNgelosi, ufanele ube nezinwele ezinde. Yiphi iNgelosi na? INgelosi yesivumelwano, iNgelosi, isithunywa sosuku, iNgelosi yesikhombisa, ekhalayo namuhla. Khona-ke usazi ukuthi unephutha na? U-Adamu wakho kungahle ukuba ukuyekelile futhi wenze okungalungile, Eva, futhi athi akwenzi mehluko. Impela kuyawenza umehluko. Ungakwenzi...Wonke umyalo kaNkulunkulu ulungile. U-Eva wamjikisa kuphela...eceleni nje umzuzu. Uma unephutha, vuma ukuthi unephutha. Impilo yakho uqobo iyafakaza ukuthi unephutha.

246 Umuntu othile wangilandela, kungekudala, wathi, "Mfowethu Branham, ukusholoni lokho kulabo besifazane, mayelana nokugqoka kwabo na?" Umuntu omkhulu, wathi, "Ngizobeka izandla zami phezu kwakho, futhi ngikukhulekele."

Ngathi, "Uma uzongivumela ngibeke izandla zami phezu kwakho futhi ngikukhulekele." Ngathi, "Lalela . . . "

Wathi, "Awubayeki ngani labo besifazane na? Abantu bakuthatha njengomprofethi."

Ngathi, "Angisuye umprofethi."

Wathi, "Abantu bakuthatha kanjalo. Awubafundisi ngani ukuthi bangazithola kanjani iziphiwo zokomoya ezinkulu nezinto na?"

247 Ngathi, "Uma bengenakho ukuhlonipha okujwayelekile ukufunda o-ABC babo, bakwenza kanjani . . . bazo, kwazi kanjani ukufunda ongwaqa, uma bengabathathi ngisho o-ABC babo na?" U-*ABC* uku "Kholwani uKristu Njalo [NgesiNgisi, "Always Believe Christ"—Umh]."

248 Thatha iZwi laKhe kuqala, Livumele libe ngelokuqala empilweni yakho. Uma ungeke ukwenze lokho, uzofunda kanjani noma yini enye na? Liyoke liphakame kanjani ibandla lePentecostal ngaphezu kwezinto elizaziyo, lokho kuzohlala endleleni yakho inqobo nje uma usaphila? Manje, kumake futhi uthole uma kungakwenzi.

249 Khumbula, uma lokho kungakuhlupi inqobo nje uma usaphila . . . Futhi uma isono esisodwa sagcina u-Eva, noma, senza konke lokhu . . . Konke ukugula, ukufa, nosizi kuvela kowesifazane oyedwa ezindla nje ukuthi kwakulungile.

250 Kuyilungelo lakho laseMelika, uyasho. O, ya. Uma uyiwundlu, iwundlu lilahlekelwa amalungelo alo; alinalutho ngaphandle kwento eyodwa, uvolo, futhi lilahlekelwa yilokho. Uma uyiwundlu uzolahlekelwa ngamalungelo akho aseMelika, ukuze ukhonze uNkulunkulu.

Uthi, "Ngingagqoka ngendlela engifuna ngayo, akumsebenzi wakho."

251 Akusimina, mfowethu, dadewethu, YiBhayibheli. UNkulunkulu wenza indoda, futhi wayenza yagqoke njengendoda, wenza owesifazane ukuba agqoke njengowesifazane, wabenza baziphathe ngokwehlukile, futhi wenza izivumelwano ezimbili nabo, nakho konke okunye; bekulokhu kunjalo.

252 Ukukhanya sekufikile. U-Adamu wakho angase akuvumele uzedlulele ngakho, kodwa, mfowethu, uNkulunkulu angeke, ngoba lelo yiZwi laKhe. Manje, nina madoda niyahlala ngapha nangapha futhi nenze izinto ezinjengaleyo: Awunamahloni, mfowethu, badikoni na? Amadoda athi angamadoda kaNkulunkulu eziphatha kanjalo, ngenkathi lokho—lokho

kuyiso kanye isifundo sokuqala sakho. Ungangena kanjani ezintweni ezijulile zokwehlukanisa uMoya nezinto enjalo, uma ungathathi ngisho izinto zokuqala na?

253 Hlangana noNkulunkulu, futhi uthole ukuthi yini umehluko. Thola umehluko. Kuzokwenza uziphathe kahle, kuzokwenza okuthile kuwe, kuzokuguqula. Manje, iBhayibheli liyakusho lokho.

254 Nina besifazane beningeke nipende izinzipho, noma ukuziphaqulula, noma ngabe nikubiza ngani, ngalutho. IBhayibheli alisho lutho ngalokho. Kodwa bheka ukuthi wenzani manje, into ethile iBhayibheli *elithi* ungayenzi. Niyabo?

255 Wena, mhlasimbe, nina madoda ngeke nidakwe ngeze emhlabeni, bese-ke ube namakhosikazi amabili noma amathathu ehlukene aphilayo, ube yidikoni ebandleni.

Ukuqembukelana, "Uzungeza izilwandle," uJesu wathi, "ukwenza iproselite elilodwa . . . "

256 Wena uthi, "Leyo yindlela eyesabekayo ukwenza ukubizela e-altare." Mfowethu, uma abantu bengezi ngeZwi likaNkulunkulu, ziyini lezizindaba eziletha umunyu na? Ufanele uze wazi ukuthi unephutha.

257 Manje, ingabe uyavuma, ngaphansi kwamandla kaNkulunkulu, ngaphansi kokulahlwa kwakho uqobo, ukusho ukuthi "nginephutha, ngiphakamisa isandla sami. Bheka impilo yami uqobo futhi ubone ukuthi nginephutha. Ngiyilungu lebandla, ngiya esontweni, Ngizama ukwethembeka, kodwa ngiyabona ngenze . . . Ngigeje umaka. Sengilungele ukuzinikela futhi—futhi ngithi ngibuyela ezisekelweni zeBhayibheli zalento. Ngiphakamisa isandla sami"? Phakamisa isandla sakho.

258 UNkulunkulu akubusise, Mnumzane. Lokho kuthatha ukuhlonipha. UNkulunkulu akubusise, Nenekazi. UNkulunkulu akubusise. UNkulunkulu akubusise, Mnumzane. Lokho kuthatha amadoda angempela. Omunye? UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Kunjalo. UNkulunkulu akubusise. Kukhona okungenani abantu abangamakhulu amathathu lapha, abafanele bakwenze lokho. Lokho kuthatha inqwaba yabo, kodwa . . . UNkulunkulu akubusise, Mnumzane, lokho ukwethembeka.

259 Yithi, "Ngenza isinqumo sami nje. Ngiyasho khona manje, 'Kusukela manje kuqhubeke, Nkulunkulu, ngizophawulwa ngaphakathi nangaphandle. Ngizoba ngumKristu wangempela. Ngizolikholwa lonke leliZwi." Noma, "Angeke ngisakholwa lutho. Ngibuyela ezweni." Uzoba ngcono ngaphandle kwakho. Kunjalo.

260 Awukwazi ukuhlukanisa amaKristu kwabanye. Bonke, cishe bayafana. Okufanele kube yiBandla kungukuthola isimo esibi kanjalo. Woza. UNkulunkulu uzofanele alungiselelee

uMlobokazi, impela, eMlungiselela. "Ihora le. . .selifikile, noMlobokazi Usezilungisele." Ingabe usulungele na? Ingabe usulungele na? Ngiyabuza futhi, eGameni likaJesu: Ngabe usulungele na? Ngiyabonga, Mnumzane. UNkulunkulu akubusise.

261 Baba wethu waseZulwini, laba abaphakamise izandla zabo, abathi ababe amadazini amabili noma ngaphezulu, mababe nokuthula. Mabazi ukuthi Usulungele ukudonsa konke ukuba necala lokutinyela kukho, nokubakhulula, kulobubusuku, ngoMoya oNgcwele. Nkulunkulu, busisa lamabandla.

262 Nali iqembu elihle labantu, Nkulunkulu. Bahlala lapha isikhathi eside kangaka, belalele, belindile, khona-ke kungani uSathane eza ngapha futhi enze ingqondo yabo ibe mnyama, lapho nje isikhathi sesifikile sokuba bamukele na? Futhi Uzifakazisile qobo lwaKho kakhulu impela lapha. Kungaba kanjani na?

263 Kodwa Nkulunkulu, makungabikho igazi lomuntu ezandleni zami; ngikhululekile. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzopha umusa kaNkulunkulu phezu kwalaba. Ngibanikela kuWe njengeNzalo eqotho ukukhanya kukaNkulunkulu okukhanyise kuyo. Impilo ishaye ngokushesha, futhi baphakamise izandla zabo, futhi bathi, "Nginephutha, ngiyakubona, ngilungele ukwenza okulungile. Ngenze okungalungile, futhi ngilungele ukulungisa izindlela zami khona manje, futhi ngize kuNkulunkulu." Siphe, Baba, ukuthi bakhule babe iziqu ezinkulu zamaKristu.

264 Siyezwa kulobubusuku, ngezinqumo *ezingaka*. Asiza ngani amatshe ngaphandle kombazi wamatshe na? Abantu bafuna amalungu amaningi ebandleni labo, "Uzosenza isinqumo na?" Gingqa itshe, lokho ukuvuma. Impela. Kodwa lisizani ngani lelotshe, uma kungekho mbazi wamatshe lapho oneZwi likaNkulunkulu elibukhali nhlangothi zombili ukulibumba libe yindodana noma indodakazi kaNkulunkulu, ukulenza lilingane esakhiweni na? Sidinga ababazi bamatshe, abasiki bamatshe ngeZwi likaNkulunkulu, ukusika izivumo zibe yizinsika zoqobo zeBandla likaNkulunkulu. Siphe khona, Nkosi.

265 Kwangathi ummese obukhali kaNkulunkulu ungasoka izwe lonke lisuke kithi sonke, futhi senze izidalwa ezintsha kuKristu Jesu. Ihora liyeza. Abantu abazi nokwazi ukuthi lawa mahora alapha, izinto ezinkulu ziyenzeka. Futhi manje, abantu une, njengabantu bakudala nje, Nkosi, babadlula, futhi babengakwazi.

266 Siphe ukuthi bonke laba bazosindiswa. Kwangathi bangathola amanye alamabandla amahle, lapha, lababefundisi. Mhlawumbe, uma bengabelinye lawo, kwangathi bangaya kumelusi wabo, futhi bathi, "Melusi, benginephutha, Ngiqondisa impilo yami. Ngiyeza manje ukuba ngibe yilungu

langempela lebandla lakho, ngiyeza manje ukuba ngibe ukukhanya. Ngeke ngishaye kakhulu impempe, kodwa ngizokusebenzisa. Ngiyahamba ngisuka endlini ngiye endlini, ngisuka endaweni ngiye endaweni, ngizoletha abanye kulenhlanganyelo enkulu kaKristu. Ngizohamba emakhoneni emigwaqo, ngizohambisa izincwajana, ngizokwenza noma yini engingayenza.

267 "Ngizokhuluma nomakhelwane wami, indoda yami yobisi, umfana wami wephepha, wonke umuntu engingakwazi, ngizokhuluma nabo ngesizotha, ubumnandi bukaMoya oNgcwele. Ngizoba nobusawoti kakhulu, ngize ngibenze bomele ukufana nami." Nkulunkulu, siphe khona. O, hhayi njengalo lonke izwe, kodwa ngehluke, ngiguqulwe, ngenziwe njengamadodakazi kaNkulunkulu, amadodana kaNkulunkulu. Siphe khona.

Ngibanikela kuWe eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Manje, sengathi uNkulunkulu waseZulwini angabuka phezu kwakho.

268 Ngesinye isikhathi . . . Ngifuna ukunitshela indaba encane ngaphambi kokuba ngihambe, ngoba ngidingeke ngisike kanzima. Eningizimu, babevamise ukudayisa izigqila. Futhi babeza futhi bazithenge njengoba nje wenza imoto esike yasetshenziswa endaweni yokudayisela, uthola incwadi yokudayisa ngayo, njengoba ubungenza, ngezidalwa ezingabantu, akukaze kulunge. UNkulunkulu wayengahlosile neze ukuba abantu babe yizigqila.

Futhi kwakubakhona othenga athengisele abanye abafikayo, futhi bathenge izigqila ezinkulu ezinempilo, futhi bazizalanise nowesifazane oqatha, nezinto ezinjalo, benze izigqila ezingcono.

269 Ngesinye isikhathi, kwakukhona ipulazi elikhulu, ngatshelwa, ukuthi banezigqila eziningi, kwase kufika othenga athengisele abanye, wathi, "Ngithanda ukubheka izigqila zakho."

Wathi, "Ngineziyikhulu cishe lapha, zibheke."

270 Futhi waziqaphela zonke. Zazidabukile. Zazilethiwe zivela e-Afrika, zazingeke zisabuyela emuva. Babezibhaxabula futhi bazenze zisebenze, ngoba zazingafuni ukusebenza. Zazidabukile, zazikude nobaba, umama, umyeni, izingane, nakho konke, zazingeke zisaphinde zibabone. Zazisezweni labezizwe, zazingeke zisaphinde zibabone abathandiweyo bazo.

271 Kodwa kwenzeka baqaphela umfo omncane lapho, he, isifuba sakhe sasiqhunsukile, futhi isilevu siphakeme, babengadingi ukumbhaxabula, wayesemgqeni ngaso sonke isikhathi. Lowo othenga athengisele abanye wathi, "Ngingathanda ukuthenga *leso* sigqila."

Wathi, "Asithengisi."

Wathi, "Yini esenza sehluke kangaka na?" Wathi, "Ingabe singubasi phezu kwazo zonke na?"

Wathi, "Qhabo, siyisigqila nje."

Wathi, "Mhlasimbe usiphakela kangcono kunazo zonke na?"

Wathi, "Qhabo. Sidla ngaphandle ekamelweni lokuphakela emkhunjini njengazo zonke, siyisigqila nje."

Wathi, "Yini esenza sehluke kangaka kuzo zonke na?"

272 Wathi, "Ngake ngazibuza qobo lwami, kodwa ngithola ukuthi ngaleya ezweni lendabuko uyise uyinduna, inkosi yesizwe. Futhi siyazi ukuthi siyindodana yenkosi, siziphatha njengayo."

273 Bangane, sisemhlabeni wesono. Sifazane, ningamadodakazi eNkosi; bafowethu, ningamadodana eNkosi, asiziphathe njengamadodana namadodakazi eNkosi, kuwo ngqo lomhlaba. Ungafani nabo, ubalingise, sehlukile. Siza . . . Siphuma kwelinye . . . Singabafokazi lapha, singabahambi. Asiziphatheni, siziphathe ngokwehlukile, sehluke, sifane naphezulu lapho eZulwini.

274 Abanye, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule unkosikazi nami, ngaphambi kokuba siphumele lapha, siye esuphamakethe, sithole owesifazane egqoke ingubo. UMeda wathi, "Alixakile yini lelo, lelo nenekazi?" Wathi, "Billy, ngifuna ukukubuza," wathi, "ngiyazi abanye balabo besifazane, bacula emakhwayeni lapha kulamabandla amahlelo," wathi, "kungani abantu bakithi . . . ?"

275 Ngathi, "S'thandwa, buka, buka, asibona abezwe. Uyabo, uma ngiya eJalimane, iJalimane inendlela yayo yokwenza; ngiya eFinland, inendlela yayo yokwenza; ngiya kwezinye izizwe, banendlela yabo." Futhi ngathi, "IMelika, inendlela yayo."

Kodwa ngathi . . . Wathi, "Awu, asiwona amaMelika na?"

276 Ngathi, "Qhabo, s'thandwa, asiwona amaMelika, singamaKristu. Sihlala lapha, impela, njengesizwe, *lesi* esethu." Kodwa ngathi, "Sivela Phezulu, khona-ke abesifazane bethu bafanele baziphathe njengaphezulu Lapho. Sifanele siziphathe njengaphezulu Lapho, yingalesosizathu singaziphathi njengabantu bezwe, sehlukile."

277 Sifanele, bangane, sifanele sehluke. Niyakwazi lokho. Angiqondile ukunilimaza, futhi angiqondile ukulimaza imizwa yenu, ngiqonde ukwethembeka kuphela njengenceku kaKristu.

278 Awuncengi. Angeke ube u—u—u—u—unodoli womphakathi, bese-ke uba yinceku kaNkulunkulu. Ufanele ube phakathi kokuthi wethembekile kuNkulunkulu, noma—noma uthengise ngobuzibulo bakho ku—kubantu. Futhi obami abuthengisi, futhi ngiyazi nobakho abuthengisi.

Ngakho asishumayele iZwi, sikholwe iZwi, sime eZwini, siphile ngeZwi, kunjalo, futhi sibe ngamaKristu angempela.

279 UMoya oNgcwele ulapha. Niyakukholwa lokho na? Bangaki kini onamakhadi omkhuleko na? Phakamisani izandla zenu. Sekuleyithi kakhulu ukuba nomugqa womkhuleko. Nina ongenamakhadi omkhuleko ogulayo, odinga okuthize, phakamisani izandla zenu, ongenawo amakhadi omkhuleko. Yibani nokukholwa. Manje, kholwani.

280 Manje, bukani lapha. Manje, uma kwenzeka ngibiza umuntu onekhadi lomkhuleko, ngifuna ningitshele kanjalo, ngoba nizongena emgqeni womkhuleko, laba abangenawo amakhadi omkhuleko ngeke. Ngifuna ukuba nenhlonipho kwenu imizuzu emibili nje, imizuzu emithathu.

281 Konke engingakusho bekungesho lutho, iZwi elilodwa elivela kuYe belingasho okungaphezu kwakho konke ebengingakusho eminyakeni eyisigidi, iZwi elilodwa elivela kuYe.

282 Manje, niyakholwa ukuthi engikushumayelayo kuyiqiniso, mayelana namadoda ebuyela eBhayibhelini, abuyele kuNkulunkulu, futhi uLizwi waba yinyama phakathi kwethu, ehlala phakathi kwethu lapha, neBandla liyaZibumba futhi liyemukela, manje, isibonakaliso saLo sokugcina na?

283 Sibe nezimangaliso nezibonakaliso, nokukhuluma ngezilimi, futhi "Kuqhubeka kwedlule, kuqhubeke kwedlule," kodwa niyakhumbula, iBhayibheli lathi, umprofethi wathi, "Kuyoba khona usuku olungayikubizwa ngemini noma ubusuku. Kepha ngesikhathi sokuhlwa kuyakuba ngukukhanya." Bangaki owazi lowomBhalo na? Impela. Kulungile. Bheka.

284 Impucuko ivele empumalanga futhi yalandela ilanga entshonalanga. Ngabe kunjalo na? KusoGwini lwaseNtshonalanga manje, kwenza omunye umnyakazo, sekubuyele empumalanga futhi. Ngingathanda ukushumayela ngalokho: *Lapho Impumalanga NeNtshonalanga Kuhlangana*. Qaphelani.

285 Il-a-n-g-a liphuma empumalanga, futhi lihambe lidabule umkhathizwe, futhi lishone entshonalanga; ilanga elifanayo eliphuma empumalanga lishona entshonalanga. Ngabe kunjalo na?

286 Manje, umprofethi wathi kuyobakhona usuku olungeke lwabizwa ngokuthi yimini noma ubusuku; usuku oluhwaqabele, usuku olunenkungu. Sibe nosuku lwalokho. Umuntu waze okwenele ukujoyina ibandla, ukwemukela uKristu njengoMsindisi, nokujoyina ihlelo, lokho kungukuKhanya okuningi njengoba ayenakho.

287 Kodwa khumbulani, sekuyisikhathi sokuhlwa manje. Impucuko isoGwini lwaseNtshonalanga, neNdodana efanayo,

N-d-o-d-a-n-a, okwakhanya empumalanga, ekuqaleni, manje kukhanya entshonalanga ekupheleni. "UJesu Kristu nguyena, izolo, namuhla, naphakade." Niyabo? "Kuyakuba ngukukhanya ngesikhathi sokuhlwa," uKristu ephuma, ephelelisa iBandla laKhe.

288 Bangaki owaziyo ukuthi kunomehluko phakathi kokubonakala kukaKristu nokuFika kukaKristu na? Amagama amabili ehlukene. Manje ukubonakala, ukuFika kuzoba khona maduzane. Ubonakala phakathi kwethu, enza imisebenzi Ake ayenza, eBandleni laKhe. Manje, uyingxenye yaleloBandla, futhi ngomusa uyakholwa; ngiyilungu laleloBandla.

289 Manje, angisuye umshumayeli, niyazi angisuye, anginayo imfundo yokukwenza. Ngezinye izikhathi ngizizwa ngimanqikanqika ukuma lapha ngasemadodeni kaNkulunkulu, abizelwe kuleso sikhundla. Kukhona abaphostoli, abaprofethi, abafundisi, abelusi, nabavangeli. Akubona bonke abangabaphostoli, akubona bonke abangabaprofethi, akubona bonke abangabafundisi, akubona bonke abangabavangeli.

290 Lapho ngimi lapha . . . Kodwa inkonzo yami iyinkonzo ehlukile kumelusi noma umfundisi, angi—ngisuye. Futhi uma ngi . . . ngisho izinto ngokungesikho, bazalwane, ngixoleleni, angikuqondile. Kodwa lena yinkonzo yami, niyabo, ukuMmemezela, ukuthi Ulapha.

291 Manje, abanye benu lapha . . . Njengesiphiwo sikaMoya oNgcwele, kuyinto nje, angikwazi ukuzenza ngikhululeke, kufana nje nokudonsa egiyeni, kodwa lapho Ekwenza, khona-ke wonke umoya uyazithoba. Futhi ngiyabheka, futhi ngingasho kuphela engikubonayo. Futhi noma yimuphi umfundi weBhayibheli uyazi ukuthi yilokho impela okuthenjisiwe, futhi kwangena ngoKristu, futhi kwathenjiswa ngezinsuku zokugcina, nakho konke esikushilo ngakho. Futhi, o, he, nginamateyipu angamakhulu amahlanu *nokuthize* ngezintshumayelo ezehlukene kukho, niyabo, ukuthinta nje onqenqemeni lwakho lapha, kodwa kuyiqiniso.

292 Akundaba ukuthi ukuphi, kholwa, futhi Mvumele akhulume; futhi uma ngikhuluma, ngingasho okungesikho, ngoba ngingumuntu, kodwa uma uNkulunkulu efika, futhi aqinisekise engikushilo, khona-ke lelo yiqiniso.

293 UNkulunkulu wathi, "Uma kukhona umprofethi phakathi kwenu, futhi uma esho . . . akushoyo kufezeka, khona-ke kuzweni," ngoba iZwi leNkosi lafika kubaprofethi, "futhi uma okwabo . . . futhi uma kungenzeki, khona-ke ningakukholwa."

294 Manje, uma ngiza lapha futhi ngithi, "Manje, ngizokuphulukisa," khona-ke ngiqambe amanga khona lapho, ngoba yini nonke, uma nigula, noma ngabe kuyini, noma izoni, kumbe noma ngabe uyini, usuvele uthethelelwe, usuvele uphulukisiwe. Uma uJesu wayemi lapha egqoke lesudu Anginika

yona, Ubengeke akuphulukise noma akusindise, Usevele ukwenzile. Bangaki owaziyo ukuthi lelo yiqiniso na? EKalvari inani lakhokhwa. Vele ukholwe nje.

295 Omunye, manje ngizovele ngimemeze, uhlobo oluthile lwesigaba, omunye ngapha ongenalo ikhadi lomkhuleko, khuleka nje, uthi, "Nkosi Nkulunkulu, angikholwa ukuthi leyondoda emi lapho, ingitshela okuthize okungalungile. Ngilifundile iBhayibheli, futhi ngiyazi ukuthi ekushoyo kuyiqiniso. Kunzima kakhulu kimi ukukwamukela, Nkosi, kodwa ngokweqiniso, ngiyakukholwa, ngi—ngiyakholwa, futhi ngisize manje.

296 "Futhi ithi Wena ungumPristi oMkhulu onokuzwelana nobuthakathaka bethu, futhi nginobuthakathaka." Noma—noma omunye, "Ngi . . . Umyeni wami ohlezi lapha." "Umkami . . ."

297 Ngiqaphelile izolo ebusuku, ngenkathi umyeni evuka ohlakeni lombhede, unkosikazi ugijimele kuye; unkosikazi wehlile, umyeni . . . Babone phandle egcekeni lapho bedumisa uNkulunkulu. Bekukuhle kanjani! Niyabo, niyabo? Ukukhulekela othile!

298 Uthi, "Ngiyakhuleka, Nkosi Nkulunkulu. Ngisize ngazi, ngisize. Mangithinte ingubo yaKho. Khona-ke uma leyondoda . . . Leyo ndoda ayingazi, futhi angiyazi, uma iphendula, futhi ingitshela, njengoba Wenza ngalezozinsuku, watshela abantu, khona-ke ngiyazi ukuthi Uyaphila, Akusuye lowo mshumayeli, NguWe."

Manje, ngiyacela, imizuzu emibili noma emithathu nje thulani futhi nikhuleke. Hlalani nithule, ninganyakazi, khulekani nje.

299 Manje, kukhona owesifazane, yena u . . . Ungaliphakamisa ikhanda lakho, uma ufisa. Futhi uma uzobuka, buka omi khona lapha, khona ngaphakathi kuleliphaseji elincane, niyakubona lokho okuphuzi, ukuKhanya okubukeka kuphuzi kuzungeza na? Kuphezu kowesifazane ngqo. NaNgu, edabula emnyango ngqo. Manje, Kusondela kuye, eduze kwakhe. Uqaphelile. Ubekhuleka. Kuyasondela.

300 Owesifazane, impela ngalesisikhathi, angaqonda ukuthi kukhona okwenzekayo. Ukhulekela othandiweyo, isihlobo esinomdlavuza, kanye nomama futhi, nomama unenkathazo yenhliziyo. Uyabona manje uMoya oNgcwele useduze kwakhe. Akaveli ngisho lapha, akayena ngisho umMelika, ungowaseCanada. Ngabe unalo ikhadi lomkhuleko na? Awunalo. Siyizihambi ngokuphelele. Ngabe kunjalo na? Kodwa ubumi lapho ukhuleka, futhi khona manjalo into emnandi ngempela iqala ukwenzeka, njengoKuthile okuza phezu kwakho. Ngabe kunjalo na? Futhi okushiwo kuqinisile na? Phakamisa isandla sakho, uma konke lokho kuyiqiniso.

Manje, hamba ubuze owesifazane.

Manje, dade, kusukile eduze kwakho. Ngethemba ukuthi unaso isicelo sakho. Noma ngabe bekuyini, uNkulunkulu ukupha khona.

301 Manje, ngifuna ukukubuza okuthize. Kanjani . . . Kucabange nje. Kukhona isimangaliso esiphelele. Kunowesifazane, angikaze ngimbone empilweni yami, akakaze angibone, siyizihambi, futhi lapha uMoya oNgcwele uyehla, futhi yena uthinta uJesu Kristu, nangesiphiwo sobuNkulunkulu, emi lapho, noma, ehlezi lapho ekhuleka, futhi kuyeza kuzungeze ngqo futhi kwembula kuye ncamashi nje. Nakho-ke. Uqhele ngamafidi angamashumi amathathu noma angamashumi amane ukusuka kimi, ubengeke angithinte, uthinte Yena.

302 Omunye ngapha kholwa, ongenalo ikhadi lomkhuleko. Wena ongenalo ikhadi lomkhuleko, phakamisa isandla sakho ukuze ngizo . . . Wena ongenalo ikhadi lomkhuleko, phakamisani izandla zenu. Abanye benu kulezizinhlaka lapha, noma okuthize, phakamisani isandla senu. Kulungile.

303 Ake sibuke lendoda lapha. Awunalo ikhadi lomkhuleko, Mnumzane. Uyisihambi kimi, angikwazi. Ucabanga ngani ngalokho engishumayele ngakho na? Uyakholwa nguKristu iNdodana kaNkulunkulu na? Uyakholwa ukuthi Uyiyo na? Manje, wena njengoba uyindoda engingakaze ngihlangane nayo ngaphambilini empilweni yami, kodwa uyakholwa ukuthi—ukuthi ngenkathi uJesu wayelapha emhlabeni, Yena (IBhayibheli lathi iZwi libukhali kunenkemba esika nhlangothi zombili, futhi ngisho laHlulela imicabango yenhliziyo.) ubengabona ukuthi yini engalungile na?

304 Uma uMoya oNgcwele ungangitshela okuthize ngawe, ungumuntu nje ohlezi phansi lapho, futhi angangitshela okuthile ngawe, ukuthi yini oyifunayo, ukuthi yini engalungile ngawe, into oyenzile noma into efana naleyo, ubuyokwazi ukuthi kuyodingeka kuvele emandleni ndawana thize, akunjalo na? Ubungakholwa ukuthi nguKristu na? Ubungakholwa. Ubungakwamukela ngaleyondlela na? Ufanele noma ufe, ngoba usibekelwe ithunzi lokufa, umdlavuza.

305 Kodwa uma uzokholwa ngayo yonke inhliziyo yakho, ngakho konke okukuwe, ngoba angeke uphile, angeke ubuye, udokotela angeke akusize manje, usukwedlulile lokho, kodwa uma uzokholwa uNkulunkulu ngayo yonke inhliziyo yakho, ungasinda. Uyakukholwa na? Uyakholwa? Khona-ke vuka embhedeni wakho. Ungangabazi enhliziyweni yakho, ungakungabazi nhlobo, hamba uye ekhaya, thatha umbhede wakho uye ekhaya. UJesu Kristu uzokuphilisa, uma uzokukholwa. UNkulunkulu akubusise.

Bekuyini na?

Unalo ikhadi lomkhuleko lapho na? Awu, uzoba semgqeni womkhuleko khona-ke.

306 Kuthiwani ngawe na? Ngabe unalo ikhadi lomkhuleko na? Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uyakholwa? Angikwazi, kodwa wena u. . . Kwenzenjani na? Wephukile wonke, njengokuphazamiseka kwemizwa, okwelakanyene, konke akulungile ngawe. Akunjalo na? Futhi qiniso, njengamanje uzizwa ukahle. NguMoya oNgcwele phezu kwakho. Uyangikholwa ukuthi ngingumprofethi waKhe na? Uzongilalela njengomprofethi waKhe na? Khona-ke sukuma uphume kulolohlaka ezinyaweni zakho, eGameni likaJesu Kristu, futhi uye ekhaya, futhi uphile.

Linda, ngifuna ukukubuza okuthize. Awunalo ikhadi lomkhuleko, unalo na? Awulidingi. Uphilile, ungaya ekhaya manje futhi uthokoze.

307 Bangaki kini abakholwayo ngenhliziyo yenu yonke na? Khona-ke, wonke umuntu uyakholwa, sukumani ngezinyawo zenu futhi nemukele ukuphulukiswa kwenu. Sukumani eGameni likaJesu Kristu futhi nikholwe ukuthi niphulukisiwe. Ngininikela kuNkulunkulu ngokuphulukiswa kwenu eGameni likaJesu Kristu. Sengathi uNkulunkulu anganipha khona. Amen. Kulungile.

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.


Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:


VOICE OF GOD RECORDINGS

P.O. BOX 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.

www.branham.org